


# LAPHA KUKHONA

## OMKHULU KUNO SOLOMONI

 Ngiyabonga, kakhulu impela. Sanibona kusihlwa, bangani. Ngiyajabula ukuba lapha kulobubusuku, nje ngithokozela ukuxhawulana okuncane nenhlanganyelo nomngani wami omdala, uMfowethu G. H. Brown. Sekuyiminyaka ngingamboni. Ungomunye wozakwethu—kwethu bokuqala, base Arkansas, ngenkathi siseseMgwaqeni uVictor 505 lapho.

<sup>2</sup> Ngiyakhumbula, uMfowethu Brown, ubusuku inenekazi liphansi endlini engaphansi, lilele ngomhlane walo, lihuquzela ngomhlane walo, nowalo... Lilahlekelwe ngumqondo walo, futhi lona lisesimweni esibi kakhulu. Kamuva, ngalithola lingale ngaseJonesboro ndawondawo, seliswangukile, linomyeni walo, futhi likahle nje ngakho konke.

<sup>3</sup> Umfowethu wahlangana nami nje lapha, ngamxhawula nje. Wayekhuluma ngokuba sendaweni ethize, umkakhe wayekade enesifo sokuvuvuka komphimbo, ngiyakholwa, emphinjeni wakhe. Waphiliswa emhlanganweni. Usalokhu ephilisiwe.

<sup>4</sup> UNkulunkulu uyamangalisa, Akanjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Sinokubonga kakhulu ngalokho. Sifanele, okungukuthi sinakho, abantu abajabule kunabo bonke emhlabeni, abantu bakaNkulunkulu, abangenasibopho, ngendlela yokuthi asikwesabi ukufa. Niyazi, uKristu wanqoba yonk’into, ngisho nokufa, ngisho nokwesaba ukufa. Ya. “O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa akabongwe uNkulunkulu Osipha ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.” SiMthanda kakhulu ngalokho!

<sup>5</sup> Lodade omncane waseFlorida, ngiyakholwa, washo owesilisa, noma ndawondawo lapha, ocule lelculo: *Ehla Evela eNkazimulweni yaKhe*. Lelo yiculo engilithanda kakhulu, labhalwa ngumngani wethu, uMfowethu Booth-Clibborn. Ngicabanga ukuthi ngempela lizwakalisa ubuNkulunkulu baKhe obukhulu namhlanje, ngosuku abantu abazama ngalo ukuMenza umprofethi nje noma—noma omuny’umholi. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuzwakalisa lokho Ayikho, futhi ngilithanda ngempela lelculo.

<sup>6</sup> Manje, niyazi, futhi ngakho ingxenye embi ngalezizinto, lemihlangano ayimide ngokwenele. Sifanele nje sibonane, futhi sithi “halo,” bese kuthi—ke sidingeke ukuba sibambe futhi. Kodwa ngibheke ngempela ukuba ngehle ngize noma.

<sup>7</sup> Ngizonitshela into ethize encane. Angikusholongo lokho okwesu ngobuny’ubusuku, ngami nginalelobhakede lotiligi

wamabele ukuthi lelobhere elincane elangena kuwo. Kodwa omuny'umuntu kulobubusuku wabuye wangikhokhela, bangithumela ujeke wotiligi wamabele. Ngiyabonga, futhi ngizoqikelela ukuthi ibhere aliwutholi lowo. Ngizothi umkami akangibhakele ipani lamabheskidi, futhi ngizongena kuwo ngqo. Yebo, mnumzane, ngiwathanda ngempela amabele.

<sup>8</sup> UBilly, indodana yami, usanda kungitshela nje, wathi, “Babayi, bakuthathele umnikelo wothando.”

<sup>9</sup> Ngitshele lomshumayeli ukuthi angikufunanga lokho. Niyabo, angizelanga khona lokho, bantu. Ngizele ukuzonisiza, ukuzama ukukwenza. Kodwa ayikho indlela kimi ukukubuyisela emuva. Futhi uma noma ubani azi noma ubani lapha esengxakini, omuny'umuntu, umfelokazi noma okuthize, banakho. Ngakho ngiyanibonga kakhulu. Niyazi, iBhayibheli lathi, “Enikwenzile kwabancane,” lowo yimi, “walaba abancinyane, nikwenzile kiMi.” Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa ngalokho, nokuthi Uzonibusisa—Uzonibusisa. Ngizonitshela, uma kungekho-muntu osengxakini, awuthathe, ngizowubeka emsebenzini wobuthunywa benkolo kwenzele amasimu aphesheya. Ngiyawela, qobo lwami, ngakho ngiyazi ukuthi usetshenziswa ngokufanele.

<sup>10</sup> Futhi ngakho manje-ke ukuzama ukuletha loMlayezo omangalisayo wo—womusa kaNkulunkulu olethwe kithi ngalezizinsuku zokugcina, uMlayezo, ngokwedlula konke engikwaziyo ukuthi Ulethwa kanjani, futhi unguMlayezo ofanayo engawushumayela eminyakeni eminingi edlule. Angikehluki kuwo nange intshi elilodwa, ngoba ungeke. Uma bengingenza, bengiyophuma eBhayibhelini. Niyabo? Ngakho uvela eBhayibhelini. Futhi ngikholwa ukuthi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” NamaHeberu 13:8 athi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ngiyakukholwa lokho.

<sup>11</sup> Manje, bengikhuluma kini namuhla, emini, ngoMlayezo weVangeli. Ngijabulile ukubona uMfowethu Tracy Boutliere lapha, nalowomfo ngapha. Futhi, mina, futhi niyazi ukuthi ngikuzwa kunjani ukusukuma lapha na? Ng—ngizizwa ngithe ukusuka ukumpintsheka kulokho kushumayela kulobubusuku, ngenxa yabo bonke laba abefundisi abakahle belapha. Ngakho ngizokhuluma nje kancane ngeNkosi uJesu, ngesaKhe, isambulo esikhulu saKhe namhlanje, nangamandla aKhe ukuphilisa abagulayo.

<sup>12</sup> Nendodana yami ize ngapha, esikhashaneni esedlule, futhi ikhipha amany'amakhadi omkhuleko, futhi sifuna ukukhulekela abagulayo kulobubusuku. Futhi ninendoda lapha engashumayela iVangeli; banayo, lonke leliviki. Futhi ngilapha ukuzozama ukwenza ingxenye yami, ukukhombisa

ukuthokozela kwami kokwethembeka kwenu kuJesu Kristu, ngokukhulekela abagulayo.

<sup>13</sup> Futhi manje ngaphambi kokuba sivule iNcwadi, masikhulume kuMqalisi weNcwadi.

<sup>14</sup> Ngesinye isikhathi esedlule, kwakunendoda eyasho kimi. Ngangikhuluma ngendaba ethize eBhayibhelini, futhi kwakuyindaba ejule kakhulu okungukuthi kunokuninginingi ukuphikisana ngayo, nangeZwi-mcabango, kanjalonjalo. Futhi ya—yangihlola. Futhi nganginoMfowethu Jack Moore, futhi sasiza sehlela eCross Lake, eShreveport, eLouisiana. Nalendoda yangihlola, yayisithi, “Awulazi nje iBhayibheli lakho.”

<sup>15</sup> Ngathi, “Kodwa ngiyamazi uMqalisi kahle ngempela. Futhi ngiqinisekile, uma ngiMthanda futhi ngiMazi kahle ngempela, Uzokwembula iZwi laKhe kimi.”

<sup>16</sup> Ngakho asikhulume noMqalisi manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu. Manje sisathola ukuthi sithule. Futhi, khumbulani, ezinhliziyweni zethu manje, ngabe sikhona isicelo kulobubusuku phakathi kwethu, eningafuna uNkulunkulu ukuba asikhumbule, enikhulekela lento ethize, mhlawumbe othandekayo ukuba eze kuKristu, kulobubusuku, mhlawumbe umuntu othize ukuba aphiliswe, noma esinye isicelo esithize na? Sibambe engqondweni yakho, futhi uphakamisele izandla zakho kuNkulunkulu, uthi, “Nkosi, khumbula isicelo sami.” Kukonke, ndawo zonke. Lelizwe elidinga kanje pho!

<sup>17</sup> Nkosi Jesu, siza sisondelela kuWe ngaleloGama laKho elenele konke, sazi lokhu, ukuthi sithenjise ukuthi imikhuleko yethu iyozwiwa. Wathi, “Enikucela eGameni laMi, niyakunikwa khona.” Futhi siletha zonke lezizicelo, kulobubusuku, phezulu phambi kweSihlalo sobukhosi esimhlophe esikhulu esiyiparele lapho uMhlatshelo oneGazi ulele khona, Othethelela zonke izono zethu, nophilisa konke ukugula kwethu. Futhi sinokuthokoza okukhulu kakhulu kuWe, kulobubusuku, ngalenghlanhla enkulu esinayo, nangeZwi likaNkulunkulu, elingehluleke. Nakuba kwedlula amaZulu nomhlaba, iZwi lingeke neze lehluleka. NeZwi linguNkulunkulu. Futhi Wethembisile ukuthi Uzwa futhi aphenyule izicelo zethu. Manje siqinisekile ukuthi siyakuthola esikucelayo. Nesandla sami siphakeme, naso, Nkosi. Phendula, kulobubusuku, izicelo zethu.

<sup>18</sup> Sifuna ukuKubonga ngalokho Obeyikho kithi, kulengqungquthela, emuva kusukela empilweni. Kanti futhi siyaKubonga ngalokho Oyikho kithi, ukuba kube senkathini ezayo. Nangehora lokufa kwethu, uma Ulibala, siyazi Uyoba ngu—ngumkhumbi omdala waseZayoni, Uzoba ngamaPhiko akhazimulayo, Uzoba yiNkanyezi yokuKusa ekhanyisa isigodi sethunzi lokufa, Uyoba nguYe oyosithwala asiwezele ngaphesheya komfula, siyongena kuleloZwe elikhulu elithenjisiwe. Senelisekile ngalokho, Nkosi.

<sup>19</sup> Kulobubusuku, abahlezi phakathi kwethu yindoda, esimpunga futhi esiqhothile eminyakeni yobudala, futhi eminyakeni eminingi edlule ngenkathi ngisengumfana oyisoni, ngangimi emakhoneni emigwaqo futhi ngilwa ukulwa okuhle kokukholwa, ngawo impela loMlayezo esizama ukuwulwela kulobu ubusuku. Baba, Nkulunkulu, sinokubonga lawa indoda asaphila, njengezimfakazo zalokhu ukukholwa okukhulu okwanikelwa kwabangcwele kwaba kanye. Kwangathi singakulwela njalonzalo futhi sithembeke esigxobeni sethu somsebenzi, kuze kufike uJesu.

<sup>20</sup> Manje sicela Wena ukuba ubusise amaZwi esiwafundayo, nalokho esikushoyo kulobubusuku. Kwangathi Lingawela emhlabathini ovundileyo elizoveza inkonzo, ukuthi akuzukuba khona nesisodwa isoni kulendlu, esizosuka lapha, esingezukusindiswa. Kwangathi wonke umuntu ogulayo angaphiliswa. Kwangathi kungebekhona noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu ekupheleni kwenkonzo. Ngiyazi ukuthi leyo yintaba enkulu emi phambi kwethu. Kodwa Washo eVangelini laKho, ngokukaMarku oNgcwele 11:22, “Uma uthi kulentaba, ‘Ngukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwa ukuthi okushilo kuzokwenzeka, uzakuba nakho okushiloyo.” Manje siyakukholwa lokho.

<sup>21</sup> Wena wathi, “Nxaxa uma ukhuleka, kholwa, thethelela.” Futhi sikhulekela ukuthi Uzosithethelela iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela labo abaphambukile kithi, ukuba kungabibikho lutho oluthiya imikhuleko yethu ekuphendulweni.

<sup>22</sup> Futhi, Nkosi, kwangathi, uma kwenzeka kanjalo ukuthi singaphindi sibonane futhi njengalokhu komunye umhlangano, mhlawumbe unyaka kusukela manje kumbe noma ngabe kuyoba kuphi, siyazi kuza umhlangano omkhulu owodwa sonke sizoba lapho, naleso yiSidlo sakusihlwa soMshado. O Nkulunkulu, kwangathi kungebebikho noyedwa wethu olahlekayo ngalesosikhathi. Kuze kube yileyonkathi, sigcine siphilile futhi sijabulile, ukuba sikhonze Wena. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

<sup>23</sup> Manje, ukukhulekela abagulayo, a—angisukeli ukushumayela. Njengoba ngishilo, kulu—kulugcobo olwehlukile; uMoya ofanayo, umgudu ohlukile nje ohamba ngawo.

<sup>24</sup> Futhi manje ngifuna ukufunda indima yomBhalo ojwayelekile, nemiBhalo embalwa lapha engithanda ukubhekisela kuyo, ngaphambi nje kokuba sibize umugqa wokukhulekela. Futhi ngiyazi kuyashisa, futhi angifuni ukunihlalisa isikhathi eside.

<sup>25</sup> Futhi ngiyakwazi ukuvalwa komhlangano, iviki elikhulu, nokuthi nonke nigcwaliswe kanjani phama kuze kuyofika

emthamweni manje, futhi niye ekhaya ukuba nibe nesikhathi esikhulu. Ningafuni ukuya ekhaya ukuba nje nibe nesikhathi esikhulu sokujabulela izibusiso zikaNkulunkulu, kodwa niye ekhaya ukuba nithathe lokho enikufundile bese nikwedlulisela komunye umuntu. Futhi kwangathi abantwana balomhlangano, ozalwe ngokusha, kulomhlangano, ngonyaka ozayo beze nabazukulwane babazukulwane; kuchaza ukuthi ukhona omunye umuntu enimzuzile, futhi bazuze omunye umuntu, futhi bazuze omunye umuntu awelele eNkosini.

<sup>26</sup> Manje asiphenye kulobubusuku kuMarku oNgcwele, isahluko 12. Futhi ngifuna ukuqala ukufunda evesini la 38 loNgcwele. . . likaMarku oNgcwele 12, ngifunde ngehle nevesi la 42, nalo. Futhi, ngokwejwayelekile, njengoba kungumkhuba izikhathi eziningi, siyama uma sifunda iZwi likaNkulunkulu, kodwa ngenxa yokuthi niminyene kakhulu kulobubusuku, sizokweqa lokho, futhi nje sihlale ngenhlonipho yokuzithoba futhi silalele iZwi. Uma uneBhayibheli, landela mina njengoba ngifunda.

*Kwase kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi, Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esenziwa nguwe.*

*Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso; kepha akuyikuba nasibonakaliso. . . esinikwa sona, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:*

*Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba-senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.*

*Amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, asilahle: ngokuba aphenyuka ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoJona.*

*Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

<sup>27</sup> Ngingahle ngisebenzise lokhu kube yindikimba: *Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni*. Uma sifunda izingxenye ezingemuva zomBhalo, zandulela lona, sithola ukuthi kuthi ukuxhumana phakathi nalokho ebekusho izolo kusihlwa.

<sup>28</sup> Ngenkathi uKristu efika emhlabeni, Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga. NalawomaJuda ayeyalwe yimiBhalo, ngokuthi hlobo luni lwesimilo uMesiya ayezoba yilo. NoMesiya wayezoba ngumprofethi, ngokwemithetho yabo. UMose wathi, “INkosi uNkulunkulu

wenu iyakuvusa umProfethi, onjengami, nakuYe abantu bayakubambelela; futhi uma bengayikuMuzwa, bayakunqunywa kubantu.”

<sup>29</sup> Niyabo, umBhalo awuwushiye neze noma yimuphi unyaka ngaphandle kwenkomba engunqamula-juqu, ukuze sazi ukuthi hora lini esiphila kulo.

<sup>30</sup> Ngisho nakuMathewu oNgcwele 24, uJesu ekhuluma ngesikhathi sokuphela, Wathi, “Manje fundani umfanekiso womkhiwane.”

<sup>31</sup> Futhi Washo ukuthi sasizoba yini isibonakaliso semibuzo emithathu. “Siyakuba yisiphi isikhathi lapho lezi kungayikubakhona itshe elibekwa phezu kwelinye, lendlu na? Siyini isibonakaliso sokuFika kwaKho, nesokuphela kwezwe na?” Futhi Wayiphendula yonke imibuzo emithathu. Izikhathi eziningi, abantu bayibeka yonke yomithathu njengombuzo owodwa, kodwa baMbuza imibuzo emithathu. Wabaphendula imibuzo emithathu. Kodwa Unikeza, ngapho, isibonakaliso, ngoba, amaJuda afuna isibonakaliso. Futhi azifunelani izibonakaliso na? Yingoba ayeyalwe ukuba enze njalo. IJuda njalo lalikholelwa kokungaphezu kwemvelo.

<sup>32</sup> Ngisho nangaphansi komthetho, ukuthi ngenkathi kukhona umphuphi, noma umprofethi, onikeza umlayezo owawuthi ukungaqondisiswa kancanyana, noma babengaqinisekile kakhulu ngawo, babenendlela yokuthola ukuthi ngabe lowomlayezo wawuqinisele noma qha. Bathathe lomphuphi, noma umprofethi, ehlele ethempelini lapho i—iUrimi Thumimi, kwakuyisivikelo sesifuba esasilenga, noma esasiphezu kwesifuba sika—Aroni, esasimele zonke zezizwe zikaIsrayeli. Nalomprofethi waprofetha, noma u—umphuphi wayesho iphupho lakhe.

<sup>33</sup> Futhi akunandaba ukuthi lalibonakala lingelangempela kangakanani, uma lelophupho noma lesosiprofetho sasingakubonakalisi ukukhanya okungaphezu kwemvelo, uhlobo lwesibumbatha njengothingo lwenkosikazi ukuvundla kulokho, okwakubizwa nge Urimi Thumimi, umlayezo wawaliwa. Okwemvelo kufanele kuphendule ngokungaphezu kwemvelo, nokungaphezu kwemvelo kufanele kuphendule ngokwemvelo. Ngakho-ke, eTestamenteni eLidala, iUrimi Thumimi yayiyinhlobo, ukuthi ngabe amazwi ayeqinisele noma qha. Lokho kwakuphansi kobupristi bobuLevi.

<sup>34</sup> Kodwa uNkulunkulu akazange asishiye singenaUrimi Thumimi, ngoba iZwi laKhe kulobubusuku liyiUrimi Thumimi. Akunandaba ukuthi umlayezo uzwakala umnandi kanjani, noma iphupho lizwakala kahle kanjani, nokho, uma lingabaneki kwiUrimi Thumimi, iZwi likaNkulunkulu, eselulekweni sami, lishiye kanjalo, ngoba uNkulunkulu akafakazi. Ngoba, leNewadi iyisambulo esiphelele sikaJesu Kristu.

<sup>35</sup> Manje, uJesu wayefikile futhi wayenze nje ncamashi njengoba imiBhalo yayithe Uyokwenza.

<sup>36</sup> Futhi ngenkathi umphostoli uPetru, njengoba sikhulumile izolo kusihlwa, eyalwe nguyise, ngabafundisi, ukuthi kwakuyoba khona ukuvuka kukaMesiya, nokuthi loMesiya wayezoba ngumProfethi. Manje iminyaka engamakhulu amane, kusukela kuMalaki, babekade bengenabaprofethi. Futhi nansi iNdoda yayilapha ukuthi ngenkathi Yenyuka, ingagqokile ngokwehlukile, ingafani nomunye umpristi owayenodumo olukhulu noma umfundisi wasesontweni, kodwa indoda ejwayekile nje. Futhi yayingamazi loMesiya ngokuthi Wayegqoke kanjani, kodwa babezoMazi ngoku—ngokuPhila okwakukuYe. Futhi ngenkathi uJesu embheka futhi wathi, “Igama lakho unguSimoni futhi uyindodana kaJonase,” khona-ke umphostoli wayeselungele ukuzinikela, ngenxa yokuthi wayazi ukuthi uJesu wayengamazi. Akusikho kuphela ukuthi Wayemazi, kodwa Wayemazi noyise, ngakho wayazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

<sup>37</sup> Silandele futhi uFiliphu, ukulanda uNatanayeli. Wamlethano, owayeyi—yindoda yokuqina, efunde kakhulu emBhalweni. Sithola ukuthi mhlawumpe uFiliphu wamyala, emgwaqeni ngale, okwakwenzekile. Kodwa ngenkathi efika kuYe, Wambiza, wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho-nkohliso kuye.”

Wathi, “Ungaze nini, Rabi na?”

<sup>38</sup> Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.”

Wayesethi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu wena, iNkosi kaIsrayeli.”

<sup>39</sup> Bese-ke kuba sesizweni somSamariya, lapho lona wesifazane omncane eSikari. Ukuthi kanjani yena esimweni sakhe njengowesifazane onegama elibi; kodwa ngenkathi lokho kuKhanya kweVangeli kusabalala kuvundle endleleni yakhe, futhi Wamtshela ngesono sakhe nowayekwenzile, wathi, “Mnumzane, Unguye, ufanele ukuba ngumprofethi. Futhi siyayalwa, futhi siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyakusitshela izinto.” Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

<sup>40</sup> Sase-ke sifunda ukuthi Akasenzanga lesosibonakaliso phambi kwabeZizwe, kodwa waprofetha ukuthi siyokwenziwa lapha ngezinsuku zokugcina, nguMoya oNgcwele. Futhi, ukuMthuka, akuyikuthethelelwa.

<sup>41</sup> Njengoba Athi kuyoba njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma, ngenkathi sithola ukuthi ukumelwa kukaNkulunkulu kumuntu, isidalwa esingumuntu, esidla inyama yenkomazi, noma ithole, njalo, futhi saphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi sidla isinkwa, futhi waMbiza ngo, “Elohim,” uNkulunkulu omkhulu, uMdali.

42 UNkulunkulu waba yinyama ngesimo sikaJesu Kristu.

43 Futhi namhlanje Usebandleni laKhe, ngesimo sikaMoya oNgwele, esalokhu enguNkulunkulu. Naleyondoda enyameni, imelwe esikhathini sokugcina ngaphambi kokuba izwe labeZizwe lishiswe ngomlilo, ukuthi uNkulunkulu uyoba senyameni yomuntu, enza into efanayo, ukuziqinisekisa Yena uqobo kwabeZizwe. Futhi siMbonile eza phakathi kwethu, izolo ebusuku, futhi enza leyonto.

44 Ngakho manje uJesu ubethethisa lababantu, kulobubusuku, ngenxa yokungakholwa kwabo, ngoba bebefanele ngabe bafundiswe ngokomBhalo. Kodwa amasiko osuku ahoshe abantu eBhayibhelini, umBhalo. UJesu wathi, “Nina ngamasiko enu wenze imiYalo kaNkulunkulu ize.”

45 Futhi angazi kulobubusuku, ukuba Ubengema phezu kwalomhlabathi waseUnited States, ukuthi Ubengeke yini asho into efanayo kwabaningi kulobubusuku. Ngamasiko omuntu, nithathe imiYalo kaNkulunkulu futhi nayenza ize, ngokushumayela ukuthi, “nje izinsuku zezimangaliso selwedule,” kanjalonjalo, njengoba benza. “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu,” umprofethi athi siyoba khona ngezinsuku zokugcina, “kepha Amandla akho bewaphika.”

46 Siyathola, kulokhu, ukuthi Wayebathethisa, ngoba babephoqelelwa ukuba babheke izibonakaliso futhi bakholwe izibonakaliso. UNowa ubanika isibonakaliso. UNkulunkulu njalo kuyo yonke iminyaka wayesebenzana nomuntu ngezibonakaliso, ngoba Ungaphezu kwemvelo. Futhi lapho okukhona uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, kubophezelekile ukuba kube yizinto ezingaphezu kwemvelo ezenzekayo.

47 Manje-ke siyathola, ngezinsuku zikaNowa, labo abawukholwayo umlayezo wakhe futhi bayangena, wasindiswa, nalabo abawenqaba umlayezo wakhe babhubha. Ubanika isibonakaliso sokwakha umkhumbi.

48 Ngezinsuku zikaMose, uNkulunkulu ukhuluma ngezindebe zomuntu wayengabiza izibawu, amazeze, amazeze, avale amazulu, alenze libe-mnyama, ngomprofethi owayeqinisekisiwe. Labo abakholwa futhi baphuma eGibhithe, ngokunqamula umugqa ohlukanisayo woLwandle oluBomvu, wasindiswa. Labo owayengakwelinye icala, babhubha.

49 NoJesu wayebatshele. BaMbiza ngo, “Belzabule,” bezisho ukuthi Wayefunda umqondo womuntu. Noma abanye namhlanje, babengathi, “Ngukufunda ingqondo.” Kodwa noma yimuphi umuntu onobuhlakani owazi noma yimuphi umthambo omkhulu wokufunda ingqondo, uyazi ukuthi izinto esizibonayo kungeke kwaba ngukufunda ingqondo.

50 Ngoluny’suku, eTucson, kwakunomfowethu omncane oyiBaptisti, futhi wayephuma, eletha uRebekah wami omncane



ekhaya evela esikoleni, ephethe izincwadi zakhe. Futhi waya emhlanganweni. Ubiza uyise, isithunywa senkolo ezansi eMexico, indoda ekahle, uzakwabo kaBilly Graham; wayesethi, “Babayi, shesha uze ekhaya ngokukhulu ukushesha, sibone amandla eNkosi uJesu ebonakaliswa.”

<sup>51</sup> Wathi, “Ndodana, yin’indaba ngawe?” Wambiza ebangeni elikude. Wayesemtshela okwakwenzekile. Wathi, “Lokho kungabonwa kunoma yisiphi isikhathi esishibhile semidlalo nentokozo.”

<sup>52</sup> Nensizwa ihlala lapho umzuzu. Yathi, “Babayi, ngiyakuthanda. Kade ungubabayi wami, futhi uzamile ukungikhulisa ngokufanele. Kodwa angazi noma besingaswisha iswishi ibuyeke esikhathini uJesu waseNazareth aenze khona into efanayo ezingwini zaseGalile, uma ubungathanda ukukubiza ngesikhathi esishibhile semidlalo nentokozo?” Indoda yasishiya isikhundla sayo somsebenzi, futhi yafika futhi yeneliseka.

<sup>53</sup> Niyabo, uJesu wayezama ukubatshelela, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikhulwa. Yimuphi wenu ongaNgilahla ngesono, okungukungakhulwa na? Uma Ngingawagcwalisanga onke amazwi elalilotshwe ngaMi, khona-ke ningaNgikhomba ngomunwe wenu; kodwa Ngenze khona impela nje umBhalo owathi Ngokwenza.”

<sup>54</sup> O, ukuba ibandla belingathatha kuphela lesosinqumo sokuma, kulobubusuku, njengomele uJesu Kristu, futhi lithi, “Sishoda kuphi na? Nkulunkulu, ngifuna ukuphila ukuba ngibone usuku ibandla likaJesu Kristu lingaba linye enhlosweni nasenhliziyweni nasemzimbeni, limi emandleni agcwele agcotshiwe kaMoya oNgcwele, ukwenza nokusebenza njengoba kwenza uJesu Kristu, benoNkulunkulu kubo, futhi.”

<sup>55</sup> Manje Uqala ukubuyela emuva futhi uyabathethisa. Babazi ukuthi uNkulunkulu, kuzo zonke izizukulwane, uthumela izipho. Futhi nxa uNkulunkulu ethumela isipho emhlabeni, futhi senqatshwa, lesosizwe noma lesosizukulwane sihamba singene ekwahlulelweni. Futhi uma uNkulunkulu ethumela isipho futhi semukelwa, lesosizukulwane siyabusiwa.

<sup>56</sup> Bengicabanga kulobubusuku, njengoba bengiza neno, ngicabanga ngalokhu, ukuthi, “Bekungaba njani uma yonke iMelika, kulobubusuku, isikholiwe isipho sikaNkulunkulu esisemukelile na?”

<sup>57</sup> UJesu lapha ubhekisela esikhathini sika—sikaJonase, noma uJona ngempela yilokho eliyikho. Futhi abantu abaningi bayamgxeka uJona, futhi bathi uJona wayeyi... Wena uthi, “WayenguJona. Wenza *lokhu, lokho*,” ngoba uJona, siyacabanga, waphuma entandweni yeNkosi.

<sup>58</sup> Kodwa ake ngizame ukukulungisa lokho, kulobubusuku. IBhayibheli lathi, “Izinyathelo zabalungileyo ziqiniswa

yiNkosi.” Ngezinye izikhathi, Usenza senze izinto eziphambene kakhulu nalokho esikucabangayo; kodwa njalo, uma silandela ukuhola kukaMoya, njalo sisentandweni yaKhe. UNkulunkulu wenza Afuna ukukwenza. Waphakamisa uFaro ngenhloso efanayo; futhi wabiza, wathi Wamthanda uJakobe futhi Wazonda uEsawu, ngaphambi kokuba baze bazalwe. Manje inhloso kaNkulunkulu ifanele igcwaliseke. Umbumbi anga... noma ubumba lusho kumbumbi, njengoba sithola kwabaseRoma 8 ne 9.

<sup>59</sup> Bhekisisani, siyathola lapha ukuthi uJona wayalwa nguNkulunkulu ukuba ehlele eNineve, ukuyoshumayela, nokuba athi phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane lowomuzi wawuzobhubha, ngoba iNineve yayingumuzi omkhulu ugcwele isono, izwe labahedeni. Babekhonza izithombe. Babenjalo, umsebenzi wabo ikakhulukazi wawungukudoba, ngoba babencikene nogu lolwandle. Nomhlali wabo—wabo wayenguku...imisebenzi, kwakungukudoba. Futhi uJona, esikhundleni sokuthatha umkhumbi...Futhi mhlampe umkhumbi wawungaphumi nje ngalesosikhathi. Kodwa wathatha umkhumbi oya eTharishishi. Futhi siyathola futhi siyayiqonda inkathazo uJona angena kuyo, phandle lapho olwandle. Ngikholwa ukuthi konke lokho kwamiselwa nguNkulunkulu. Ulwandle lwamazama, noJona wathi, “Bophani izandla zami bese ningiphosa ngaphandle komkhumbi.” NoNkulunkulu wayenenhlanzi emiselwe, njengoba siyibiza ngo “mkhomo,” nokuthi igwinye umprofethi lombolozu.

<sup>60</sup> Eminyakeni embalwa edlule, ngangiseLouisville, eKentucky, babe—babenomkhomo e...amathambo owodwa, phezu kwe—phezu kwenqola yakwaloliwe eflethi. NaloRicky omncane emi lapho, nezibuko ziphezu kwekhala lakhe, futhi wayebonakala enemfundo eningi kunoma wayenobuhlakani bokulawula, wayezama ukuchaza ngalomkhomo. Wathi, “Niyazi, inganekwane endala yeBhayibheli, ukuthi umkhomo wagwinya uJona.” Wathi, “Leyo yinganekwane nje.” Wathi, “Ngoba, niyabo, bekungaba l’khuni ukuba uphose ibhola ledlule ekugwinyeni kwawo, wawumncane kakhulu, futhi wawungeke umgwinye lombolozu umuntu.”

<sup>61</sup> Lokho kwakul’khuni kakhulu nje kimi ukukumela. Nga—ngathi kuye, ngathi, “Mnumzane, ngi—ngifuna ukukuqondisa lokho.”

Wathi, “Yini leyo na?”

<sup>62</sup> Ngase ngithi, “Uyabo, wayengahle...Lowomkhomo ungahle ukuba wawungeke ukwazi ukumgwinya, kodwa iBhayibheli lasho, ukuthi, ‘UNkulunkulu wamisela inhlanzi.’ Yayakhiwe isipesheli. UNkulunkulu wayenza ukuba ibe nkulu ngokwenele ukuba imgwinye.” Niyabo? Nga—ngazizwela

nje ukuthi ngangingaba yimbuka eBhayibhelini uma ngangingabunikezanga ubufakazi bami, ngikhombise ubunjalo, ngoba abantu bama lapho behleka. Ngiyanitshela, kwakuyinto ehlukile ngenkathi lokho kushiwo, niyabo, kwakungahlekisi kangako, ngenkathi ngithi, “Awuyazi imiBhalo. UmBhalo wathi, ‘UNkulunkulu wamisela inhlanzi.’ Wenza lena yaba yisipesheli.”

<sup>63</sup> Njengentombazane encane ngesinye isikhathi, isuka esontweni, yathi yayijabule. Izinwele zayo ezincane zikanywe zabhekiswa emuva, futhi yayinesikhathi esikhulu, icula izindumiso zikaNkulunkulu. Umphikinkolo ekhoni wathi, “Ujabuliswe yini kangaka, nenekazi elincane na?”

Lathi, “Ngisanda kusindiswa nje, ngiya eZulwini.”

<sup>64</sup> Wathi, “Yini le oyifake ekhwapheni lakho, leyonto abayibiza ngeBhayibheli na?”

Lathi, “Yebo, mnumzane, yilo.”

Wathi, “Awulikholwa lelo na?”

Lathi, “Wonke amaZwi alo.”

<sup>65</sup> Wathi, “Awu, ngiqagele uyayikholwa leyondaba ngomkhomo ugwinya lombolozu uJona na?”

<sup>66</sup> Yathi, “Yebo, mnumzane, ngiyayikholwa. Ukuba iBhayibheli lathi uJona wagwinya umkhomo, bengiyokukholwa.”

<sup>67</sup> Wayesethi, “Manje uzokufakazisa kanjani ukuthi—ukuthi umkhomo wagwinya uJona, noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kokukholwa na?”

Lathi, “Uma ngifika eZulwini, ngizombuza uJona.”

Wathi, “Manje-ke uma uJona engekho lapho?”

<sup>68</sup> Lathi, “Khona-ke uyodingeka umbuze wena.” Ngakho kwakhombisa nje ukuthi kwakuzokwenzekani, wahamba ngenye indlela. Nalokho kuthi akukuzwakalise.

<sup>69</sup> Kodwa ngiyakholwa ukuthi umkhomo wamgwinya uJona. Manje, nezandla ziboshiwe, esesiswini somkhomo, le phandle phezu kolwandle, cishe amafatome angamashumi amane ukujula.

<sup>70</sup> Manje nina besifazane niyazi, ngezinhlanzi zenu ezincane ezibomvu ezifuywayo. Inhlanzi izingela emanzini, ukuba ithole ukudla kwayo. Futhi emva kokuthola ukudla kwayo, igwalisa swi isisu sayo esincane, yehlela phansi ekugcineni komgoxi bese iphumuza isigwedlo sayo esincane lapho. Niyabo, iyaphumula. Izigwedlo zayo ziyayibamba ziyiphakamise. Futhi manje isiziphumulele ngoba isikhathele ukuzingela.

<sup>71</sup> Ake sicabange ukuthi lenhlanzi enkulu yenza into efanayo. Ngenkathi igwinya umprofethi, yehlela phansi ekugcineni, isisindo sayo esisindayo samathani amaningi, ilala phansi ekugcineni manje, nomprofethi esiswini sayo. Nomprofethi wayesaphila. Yamgwinya lombolozu. NoJona ufanele ukuthi

waguquguquka, phansi esiswini somkhomo. Futhi, niyazi, ndawo zonke ayebuka kuzo, wayebona isisu somkhomo.

<sup>72</sup> Futhi bengicabanga kaningi ngabantu, bathi, “Ngikhulekelwe izolo ebusuku, kodwa isandla sami asingcono. Ngikhulekelwe, futhi angizwa bungcono.” Awu, ubuka izinkomba, inqobo nje uma ubuka lokho. Uma umelusi wakho ekukhulekele, wakugcoba ngamafutha, kumbe noma ngabe nguboni ayisebenzisayo yeBhayibheli likaNkulunkulu, ufanele uyikholwe. Uzofanele uyikholwe.

<sup>73</sup> Manje angicabangi ukuthi noma yimuphi wethu sewake waba nazo izinkomba eziningi kakhulu njengoba uJona wayenazo nje, ngokuba, yonke indlela ayebheka ngakuyo, kwakuyisisu somkhomo. Kodwa niyazi ukuthi wathini na? Wathi, “Kungumoya nokuyize nje.” Akazukukukholwa. Wathi, “Ngiyakubuye ngibheke ithempeli laKho elingcwele.”

<sup>74</sup> Manje uJona wayazi ukuthi ngenkathi uSolomoni enikela ithempeli, uNkulunkulu waqinisekisa uBukhona baKhe ethempelini, ngokungena njengeNsika yefu, wayesengena futhi waya ngale ngemuva kweNdawo eNgcwele, phezu kwesiHlalo soMusa naphezu komphongolo, wayesezinza. NoSolomoni wakhuleka, “Nkosi, uma abantu baKho beba senkathazweni, nomaphi, futhi bayobuka kulendawo engcwele, futhi bakhuleke, khona-ke Ubezwe useZulwini.”

<sup>75</sup> Manje, uma uJona, phansi kwalezozimo, akwazi ukuba nokukholwa emkhulekweni womuntu, isidalwa esingumuntu, kamuva esahlubukayo; naphezu kwethempeli elakhiwa ngezandla zomuntu, uNkulunkulu angena kulo; futhi wakhululwa kokunjalo, izinkomba ezinjalo njengalokho; besifanele kakhulu kangakanani-ke thina, kulobubusuku, phansi kwesimo sethu esincane, khona phakathi koBukhona bukaNkulunkulu omkhulu qobo lwaKhe, lapho esibona khona abantu bephiliswa, besindiswa, futhi begcwaliswa ngoMoya oNgcwele! Ningabheki ngasethempelini lemvelo; kodwa bhekani ethempelini eZulwini, lapho uKristu ehlala khona ngakwesokunene soMkhulu, namandla, neGazi laKhe uQobo, ukwenza isinxuselo phezu kokuvuma kwethu. Sifanele sibe namahloni ngobuthakathaka bethu. Manje, uze ube nokukholwa okungcono kunalokho uJona ayenakho, ungamgxeki.

<sup>76</sup> Qaphelani, manje-ke sithola ukuthi uNkulunkulu, phansi kwalowomkhuleko nalokho kukholwa . . . Wayengabeka ithende le oksijini lapho; angazi ukuthi Wenzani. Kodwa wahlala, ngokweZwi likaKristu uQobo, izinsuku ezintathu nobusuku esiswini salowomkhomo. Futhi manje-ke asicabange ngakho, ngokuthi, kungahle ukuba kwakungeleshumi nanye nqo emini, bonke abadobi wayeselungele nje ukungena ekudleni kwabo kwaphakathi nemini, futhi base bezophakamisa amanetha abo. Nalababahedeni babekhonzwa izilwane, nonkulunkulu

wolwandle wayengumkhomo. Futhi nje sekuthi akube yiphakathi nemini, nakhu kungena unkulunkulu wolwandle, umkhomo, wakhapha ulimi lwawo, nomprofethi waphuma ngqo emlonyeni wawo. Akumangalisi baphenduka, impela, ngoba unkulunkulu waphimisa umprofethi. Futhi wahamba edabula imigwaqo, ethi, “Phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane lendawo izobhujiswa.” Niyabo, uNkulunkulu uyazi ukuthi izinto zenziwa kanjani.

<sup>77</sup> Manje, bacela isibonakaliso kuJesu, futhi Wabatshela ukuthi, “I—isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso.” Futhi, manje, ngiyazi kunesihumusho ukuthi Wayeqonde bona. Lokho kuqinisele. Kodwa nje ngizokuqhuba, kunencazo embaxambili.

<sup>78</sup> Sake saba nini nesizukulwane esibi kakhulu nesiphingayo kunaleso esinaso khona manje na? Isizukulwane esibi nesiphingayo! Bayothi kini, baphumele emgwaqeni, bathi, “Ngabe ungumphilisi ngokukaNkulunkulu na?”

“Qhabo. UKristu unguye.”

<sup>79</sup> “Awu, uma ungumphilisi, noma ukholwa, uthi ungumphilisi; ngiyazi umfo uphansi lapha uyagula, woza umphilise. Ngiyazi uthi wavusa abafuleyo; indoda yafa futhi wayivusa na? Sinamangcwaba agcwele bona phansi lapha; kufakazise kithi.”

<sup>80</sup> Khumbulani, lowo ngudeveli omdala ofanayo owathi, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yala lawamatshe ukuba abe yizinkwa.”

<sup>81</sup> Ngudeveli omdala ofanayo owabeka indwangu phezu kwamehlho eNkosi yethu, esigodlweni ngalokho kusa, wamboza amehlho aYo, ase ethatha induku, lawo adakiwe, amabutho axokozelayo, futhi aMshaya ekhanda ngayo, ase-ke edlulisa induku, omunye komunye, ayesethi, “Siyaqonda ukuthi Wazi izimfihlo zenhliziyo. Siyaqonda ukuthi Ungumprofethi. Uma ungumprofethi, profetha futhi usitshale ukuthi ubani okushayile. Sizokukholwa-ke.” Niyabo, lowo ngudeveli omdala ofanayo. Niyabo? UNkulunkulu akahlekisi ngamuntu.

<sup>82</sup> Ngudeveli omdala owathi, “Yehla esiphambanweni. AsiKubone wenza isimangaliso.” Lowo develi uyaphila namhlanje.

<sup>83</sup> NoJesu washo, ukuthi, “Esibi, esibuthakathaka, isizukulwane esiphingayo siyofuna isibonakaliso, futhi bayosithola. Njengoba uJona wayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kanjalo iNdodana yomuntu iyoba senhliziyweni yomhlaba.” Manje-ke nhloboni yesibonakaliso Eyayikhuluma ngaso na? Isibonakaliso sokuvuka. Futhi emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili zokushunyayelwa kweVangeli, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugxeka, iBhayibheli ledlula kukho konke. Futhi, kulobubusuku, uJesu Kristu uphakathi kwethu, emandleni

okuvuka kwaKhe, enza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Lesi yilesi esibuthakatha nesizukulwane esiphingayo.

<sup>84</sup> UJohane oNgwele 14:12, uJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza.” Niyabo? “Nokho kuseyisikhashana nezwe, inqubo yesimo sezwe, alisayikuNgibona, nokho niyoNgibona nina. Lowo ongakholwayo, izwe, inqubo yezwe, inqubo yebandla, angeke lisaNgibona. Nokho niyoNgibona nina, okholwayo, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

<sup>85</sup> Nalesisizukulwane esibi nesiphingayo esinaso emhlabeni, sokuhlekisa ngeZwi likaNkulunkulu lasekuqaleni, sihlekisa nge—ngebandla, wemukela kulobubusuku isibonakaliso sokuvuka. Ngoba, izinto uJesu Kristu azenzayo namhlanje, ebandleni, akukho muntu ezweni ongakwenza ngaphandle kukaJesu Kristu. Futhi yisibonakaliso sokuthi Uyaphila kulobubusuku. Uvukile kwabafileyo, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlule, futhi nje uyaphila kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngenkathi Wayehamba eGalile. Amen. Isibonakaliso sokuvuka!

<sup>86</sup> Khona-ke siyaqaphela, kuqhubeke kwehle, Ubhekisela esikhathini sikaSolomoni. Wathi, “Amadoda aseNineva aphenyuka ekushumayeleni kukaJona, futhi kukhona omkhulu kunoJona lapha.” Wathi, “Futhi njengoba ezinsukwini zikaSolomoni, ukuthi inkosikazi eyindlovukazi yaseNingizimu yavela kanjani emikhawulweni yezwe, ukuzokuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, nomkhulu kunoSolomoni ulapha.”

<sup>87</sup> Niyabo, abakuqondanga. Babeyisithutha. UIsaya wathi, “Banamehlo futhi ababoni, izindlebe futhi abezwa.”

<sup>88</sup> Ngizosho lokhu ngothando. IPhentekoste, isithi impela ayithole indlela efanayo. Into uNkulunkulu ayethembisa, idlula ngqo phezu kwethu, futhi nje sikuyeka kuhambe. Yini indaba ngabantu bePentecostal, yilokhu, babone okuningi kakhulu kukaNkulunkulu. . .

<sup>89</sup> Kungikhumbuza ngesisho esidala, noma indaba engake ngayifunda ngombhali owayebhala ngolwandle, futhi wathi wayengakaze alubone. Njengoba siqonda ukuthi uStephen Foster, umfo othandekayo ongumbhali, wabhala ngoMfula i “Swanee,” futhi engakaze awubone uMfula iSuwannee. Nalombhali wayebhale ngolwandle, futhi wayengakaze alubone ulwandle. Ngesinye isikhathi wathatha uhambo lokuya olwandle. Futhi endleni yakhe wahlangana netiloseli elidala, itiloseli elidala, lenyuka, elinobuhwanqa obumpunga ebusweni balo, nenqawe yalo eyenziwe ngehleza lommbila emlonjeni walo. Lathi, “Uyaphi, ndoda yami elungileyo na?”

<sup>90</sup> Wathi, “Ngiya olwandle.” Wathi, “Ngiyi—ngiyimbongi.” Wathi, “Ngi—ngifuna ukulubona. Ngifuna ukubona amagagasi alo amhlophe njengamagagasi anosawoti egxuma kokuluhlaza. Ngifuna ukubona ukuzibonisa kwesibhakabhaka emanzini aluhlaza, anuka usawoti emoyeni. Ngifuna ukuzwa izinyoni zasogwini lolwandle lapho zimpongoloza futhi zidazuluka, lapho ziya emuva naphambili phezu kwamanzi.”

<sup>91</sup> Itiloseli elidala lathatha inqawe yalo eyenziwe ngehleza emlonyeni walo, laphimisa. Lathi, “Ngazalelwa kulo, iminyaka engamashumi ayisithupha edlule. Angiboni lutho ejabulisa kangako ngalo.” Ngani? Lalikade libone okuningi kakhulu ngalo, luba ngokujwayelekile kulo.

<sup>92</sup> Futhi yileyo indaba ngani maPentecostal. Nibona okuningi kakhulu kwezindumiso nezibusiso zikaNkulunkulu, kuze kushelule kwedlule ngqo kini. Sifanele sithobe ngalezizinto, futhi sihloniphe yonke into uNkulunkulu asinika yona.

<sup>93</sup> Manje, izinsuku zikaSolomoni, njenganoma yimuphi usiyazi wezenkolo, indoda yomBhalo iyazi ukuthi lowo kwakungunyaka wegolide wamaHeberu. Babengenazimpi. Bona, kwakucishe impela kufane nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane kubo. Usuku olukhulu! Bakha ithempeli. Zonke izizwe zabetesaba. Babesaba ukwenza noma yini, ngoba bayazi ukuthi abantu wayenhliziyonye nakuzwana kunye. UNkulunkulu wabapha isiphiwo, futhi basikholwa. Basemukela, futhi nganhliziyonye nangakuzwana kunye basebenza ngaso.

<sup>94</sup> O, uma thina, abantu baseMelika singahle, kulobubusuku, bawo onke amaPresbyterian, namaMethodisti, namaBaptisti, namaPentecostal, nidilize isiko lenu ihlelo lenu elilakhile lanizungeza, lehlukana ubuzalwane, “ngokubonakala kungenakukholwa.” Uma singaphuma kulelogobolondo elidala esikulo, futhi singahlangu ndawonye futhi samukele isiphiwo sikaNkulunkulu, phezu kwezisekelo Asinika zona, kungaba yisivikelo sebhomu esihle kakhulu engazi ngaso. Ngingamane ngime emva kwalokho, izithembiso zikaNkulunkulu, kunazo zonke izivikelo zamabhomu abangazakha. Kanjani, isizwe esinje, kungaba yimvuselelo enjani engabakhona, zingazesaba kanjani ezinye izizwe ukwenza noma yini ngakho. UNkulunkulu usinike isiphiwo, kodwa siyasilulaza.

<sup>95</sup> Sizama ukusiwezela esixukwini esincane esisodwa, futhi sithi, “Sinaso, futhi aninalutho olunye lokusenza ngakho, ngoba aniboni ngezibuko zami.” Asifanele sikwenze lokho. Akulungile. Inqobo nje uma udeveli enganenza nilwe nodwa, akadingi ukuba alwe.

<sup>96</sup> Kodwa uma ubona lobo bunye bamandla kaNkulunkulu, bubuthela ibandla laKhe ndawonye livela emimoyeni yomine yomhlaba, khona-ke uzobona into ethize yenzeka.

<sup>97</sup> Sithola ukuthi, ngezinsuku zikaSolomoni, uNkulunkulu wamupha isiphiwo sokubona okufihlakeleyo. Kwakuyisiphiwo esikhulu, isiphiwo sokwehlukana imicabango, kanjalonjalo, sokuhlakanipha. Nabantu babuthana ngakuso. Bemenza inkosi. Futhi, niyazi, uba ngundaba-mlonyeni wezwe. Wonke umuntu wayekhuluma ngolsrayeli. Manje, babengenabo otheleloni namathelevishini, nezinto, ngaleyonkathi, babethwala izindaba ngomlomo nomlomo. Nawo wonke umuntu odlulayo wayebona lesisiphiwo esikhulu sikaNkulunkulu, sisebenza, nabantu babeya e, ngani, babe—babetshela wonke umuntu. Nodumo lwakhe lwaya emhlabeni jikelele. Futhi bonke babengenazimpi, nankathazo, ngoba bemukela isiphiwo uNkulunkulu abapha sona.

<sup>98</sup> Thina sonke, kulobubusuku, thina Presbyterian, Methodisti, Baptisti, isigaba sePentecostal, besingavele nje sonke silahle imibono yethu, futhi sibuye futhi sibone ukuthi uNkulunkulu wathini ngaWo, nokuthi Washo kanjani ukuthi Wawufanele unikezwe. AngeWuguqule. Indlela Owehla ngayo ngoSuku lwePhentekoste, yileyo ndlela Owehla ngayo endlini kaKorneliyu. Nangaso sonke isikhathi oke Wehle ngaso, Wehla ngendlela efanayo, phansi kwesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanayo uPetru asibhalayo, eZenzweni. Naleyo kuseyindlela okumi ngayo. Kuzofanele kuhlale ngaleyondlela. Noma iyiphi enye indlela... Ayikho enye indawo eBhayibhelini lapho abake baWemukela ngayo noma ngayiphi enye indlela kunokuqhuba lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwayo seZenzo 2. Kunjalo impela. Lokho ngukuthi, futhi siyaWuthola namhlanje, yileyo ndlela okuzofanele kufike ngayo.

<sup>99</sup> Kodwa ngobuqotho, umuntu wemukela uNkulunkulu futhi aMkholwe, kodwa uma nje bezo... Khona-ke bazihosha bona, futhi, “Lokho, sinalokhu futhi yilokho kuphela okukuWo.” Khona-ke bayazehlukanisa. Khona-ke abayikusithatha isambulo esisha. Bayakuhlela. “Yilokhu. Lena yimfundiso yethu,” kuphetha nge—ngesikhathi. Uma ubungaba nehlelo eliyophetha imfundiso yakho ngokhefane, “Sikholwa yilokhu, kuhlangele nokuningi impela uNkulunkulu ayosikhombisa khona,” khona-ke lokho kulungile, ngiyohambisana nalokho; kodwa ngeke neze ngesikhathi. Isizathu, uNkulunkulu unguNkulunkulu, nesikhathi siyaqhubeka.

<sup>100</sup> Sizama njalo ukubuka emuva futhi sibone ukuthi uMoody wathini, ukuthi uSankey wathini, ukuthi uFinney wathini, ukuthi uWesley wathini, ukuthi uLuther wathini. Lawo ayeyindoda yalolosuku.

<sup>101</sup> Isayense ayibuki emuva futhi ibone ukuthi isayense yathini. Ngani, iminyaka engamakhulu amathathu eyadlula, usoyayense ongumFrench wafakazisa ukuthi uma umuntu engake ahambe ngejubane elesabekayo lamamayela angamashumi amathathu



ngehora, amandla okudonsela emhlabeni angamsusa emhlabeni. Ungathini nje isayense yesimanje isho lokho na? Namhlanje uhamba cishe amamayela ayizinkulungwane ezimbili ngehora, ezama ukuthola into ethize ukuvimbela insimbi encibilikayo ukuze akwazi ukuhamba amamayela ayizinkulungwane ezine ngehora. Ababuki emuva futhi bathathele kuye. Babuka phambili.

<sup>102</sup> Kodwa ibandla njalo libuka emuva. Asibuke phezulu! Ngokuba, amandla abo anqunyelwe. Futhi sinamandla anganqunyelwe, “Ngokuba konke kungenzeka kwabakholelwa kuNkulunkulu.” Ukukholwa kwangoqobo kwangempela kuyogcizelela lonke iZwi uNkulunkulu alinikezayo, ngo “amen.” Hhayi ukuthi, “Awu, kwakungokwesinye isizukulwane.” Nguyena izolo, namuhla, naphakade!

<sup>103</sup> Manje sithola ukuthi uSolomoni, izindaba zasabalala kakhulu zaze zaya kude le ezansi eSheba. Futhi babenenkosikazi eyindlovukazi ezansi lapho, kufanele ukuthi yayiyinenekazi elihle elincane. Lalibusa phezu kwabantu balo. Futhi, niyazi, baqala ukulitshela ukuthi kwakukhona u— uNkulunkulu omkhulu enhla kwaIsrayeli, futhi Wayegcobe isidalwa esingumuntu ngesiphiwo sokubona okufihlakeleyo esasingaphezulu komuntu, ukuthi akukho muntu owayengaba nokuhlakanipha okunjalo. Kwakufanele kuvele kunkulunkulu. Futhi, niyazi, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi.” Futhi kwashaya inhliziyo yalo, njengoba kwenze kowesifazane omncane onesimilo esibi emthonjeni izolo ebusuku. Kwashaya inhliziyo yalo, futhi liqala ukufisa ukuthola ngalokhu.

<sup>104</sup> Ngicabanga ukuthi kufanele noma yimuphi wethu, uma sithola lapho ukuPhila okuPhakade kulele khona, ngoba sizama ukuphila.

<sup>105</sup> Awu, lonke udwendwe lwamakameli lwedlula, cishe lalima bese libangenisa esigodlweni. “Nedlulile ePalestina na?”

<sup>106</sup> “Yebo, sineminye imithi yokugcoba, namanye amagugu nezinto ezivela lapho.”

“Awu, ngabe kuyiqiniso yini ngaleso siphwiwo esikhulu sikaNkulunkulu wabo na?”

<sup>107</sup> “Yiqiniso. Ngikubonile kusebenza.” Niyabo, ukukholwa kuvela ngokuzwa.

<sup>108</sup> Futhi manje-ke liqala uku, liqala ukoma. Lalifuna ukukubona, qobo lwalo.

<sup>109</sup> Manje lalinenqwaba yobunzima ukuba ledlule kubo. Into yokuqala, lalingumhedeni. Enye into, laliyiyindlovukazi. Futhi akungabazeki, ukwenza lokhu, lalizodingeka liye kumpristi walo uqobo, ukuthola imvume ukwenyuka ukuyozwa lokhu. Ngakho sengiyabona... Uma ngizwakala njengothuka okungcwele, angikuyiqondile lokhu manje. Ngizonikeza

okusamdlalo wasesiteji okuncane lapha. Sengiyabona ehamba ehlela kumpristi, futhi ethi, “Fata ocwebileyo?”

“Yebo, ndodakazi yami,” kwasho umpristi.

<sup>110</sup> “Kade ngizwa izindaba ukuthi enhla kwaIsrayeli banoNkulunkulu phezulu lapho, ogcobe umuntu waKhe uQobo ngokubona okufihlakele namandla.”

<sup>111</sup> “Manje lalela, ndodakazi. Uma, uma onkulunkulu abakhulu beyoke banyakaze, kuyonyakaza phakathi kwethu.” Niyazi, abadingekile ukuba bonke babe ngabapristi abangabahedeni, ukukholwa lokho. Niyabo? “Uma beyoke banyakaze, bayokwenza noma yini enhlanganweni yethu. Ngeke babephakathi kwabanye babo, uyabo. Empeleni, bayisigejane somgqingqiki ongcwele.” Awu, bengingafuni ukusho lokho, niyabo, kodwa niyazi. “Bona—bona—bona, abekho kakhulu impela. Leso nje yisigejane sezinhlanga. Baxoxa zonke izinhlobo zezindaba ngokuwela uLwandle oluBomvu, okungelutho kuphela izinganekwane. Ngakho ngeke wasikholwa lesosigejane phezulu lapho, ngoba ba—bayisigejane nje sesidlamlilo. Manje uma kukhona noma imaphi amandla, akunkulunkulu omkhulu, uDagoni, noma abanye balaba lapha.”

<sup>112</sup> Sengiyamuzwa owesifazane omncane, wakhuluma umzuzu, wathi, “Kodwa, uyazi, bangitshela ukuthi loNkulunkulu abanaye enhla lapho unguNkulunkulu wangempela.”

“Ngani,” wathi, “ndodakazi, *lowo* ngunkulunkulu wangempela.”

“Kodwa, bona, bangitshela kuthi loNkulunkulu enhla lapho unokuphila.”

<sup>113</sup> Niyabo, uma—uma—uma into ethize ngempela ibamba ngqi enhliziyweni, uNkulunkulu uyokhuluma nawe uma nje uzoqhubeka ukhuluma. Niyabo, “Ningazindli eniyakukusho; niyakunikwa khona ngalelohora.”

<sup>114</sup> Lase lithi, “Bathi loNkulunkulu enhla lapha unguNkulunkulu obathandayo abantu baKhe, bese-ke Ehla futhi Yena Ezenza aziwe ngabantu baKhe.”

“A, akukho lutho kulokho. Lalela.”

O, uthini? “Manje umzuzu nje. Ngiyenyuka.”

<sup>115</sup> “Uma wenyuka, wena, ngani, uzoletha ihlazo. Ungayethameli leyomvuselelo. Ngoba, asibambisani, uyazi, ngakho ufanele ungakwenzi lokho.” Niyabo?

<sup>116</sup> “Futhi uyazi,” lathi, wathi, “ugogo wami ongukhokho wayekhonzela lesosithombe, lesosithombe esibazwe ngetshe, noma ugogo wami nomama wami, bonke abantu bakithi babekhonzela lezozithombe ezibazwe ngamatshe, futhi akukaze nasinye sazo sikhombise nechashaza elilodwa lokuphila. Nje zi... Angikhathali ukuthi mingaki imibhalo egoqwayo

ongayifunda, nanoma yini enye, azikaze zikhombise nelilodwa ichashazi lokuphila. Futhi bathi, 'Lokhu ngukuPhila.' Nalokhu yi . . . Ngikhathazekile ngakho."

<sup>117</sup> Awu, sengiyamuzwa ethi, "Manje, buka, uma wenyukela lapho, ngizodingeka ngikukhiphe ebandleni. Ngizothatha okwakho . . . Uyilunga elinikezwe ilungelo lapha, uyazi. Futhi uma ngi . . . Futhi unesithunzi esithize, futhi uzolwehlisa udumo lwakho uma uya phakathi kwesixuku esinjalo." Niyabo?

"Awu, makube yisithunzi, noma kungabi siso!"

<sup>118</sup> Niyazi, uma uNkulunkulu eyobamba ngqi enhliziyweni yomuntu, akukho okuzoma endleleni yabo. Bazofika lapho, noma kanjani, noNkulunkulu uzokuqaphela; angikhathali uma kungumyeni, unkosikazi, umntwana, umshumayeli, umelusi, noma ngabe ngubani, uma kufika ukulambela uNkulunkulu.

<sup>119</sup> Manje sithola inenekazi elincane, ngenkathi selilungele, lathi, "Awu, ngi—ngiyahamba, noma kanjani."

<sup>120</sup> "Kodwa sizokukhipha ebandleni. Igama lakho alizukuba bikho lapha."

"Awu, ungavele nje ulisuse, ngoba ngiyahamba."

<sup>121</sup> Ngakho manje-ke, ladingeka likhokhe inani. Abanengi kakhulu bethu abafuni ukukhokha inani. Singaqoka ukubambelela ezivumwenikholo ezithize.

<sup>122</sup> Manje, owesifazane akungabazeki wayeyitadishile imibhalo egoqwayo yalenkolo. Wayebonile ukuthi leyo kwakuyimvelo kaNkulunkulu; nokuthi uNkulunkulu, wonke uNkulunkulu ohlakaniphile, wayenziwe isiphiwo kumuntu, ukuthi uNkulunkulu qobo lwaKhe wayezizwakalisa Yena uqobo, hhayi ngesithombe esithize esiyisimungulu, kodwa ngomuntu.

<sup>123</sup> Ukuthi lobo buhedeni buyisifaniso esiphelele kanjani, noma, esiphikisanayo- . . . noma, isifanekiso sobuKristu, ukuthi umkhonzi ongumhedeni uyowa kanjani phambi kwesithombe futhi azilalise phansi, ngangokuthi, ukuthi u—ukholwa ukuthi lesosithombe siyakhuluma simphendule.

<sup>124</sup> Njenge—nge—ngeNdiya laseNavaho. Babenofudu lwasolwandle lukankulunkulu wemvula, nodaka emhlane walo, futhi benza lokho isithombe. Futhi benza igobolondo elingenalutho, futhi babememeza, futhi babezwa iphimbo labo uqobo lenanela, futhi babecabanga ukuthi lowo kwakungkulunkulu wemvula ekhuluma ebaphendula.

<sup>125</sup> Umehluko onje pho kubuKristu, nokho. Sizilalisa phambi kukaNkulunkulu ongaphezu kwemvelo ongesiso isithombe, futhi sigwaliswa ngaYe futhi sibe yisithombe saKhe, umfanekiso waKhe ophilayo waKhe, usebenza, kuhamba emhlabeni njengomele uNkulunkulu ophilayo esimkhonzayo. UNkulunkulu esidalweni esingumuntu!

Kuphambene nobuhedeni; bawa phambi kukaMariya noma uJosefa, noma omunye ocwebileyo, noma into ethize efana naleyo, osekuyiminyaka kwafa. Futhi, kodwa, niyabo, uMoya oNgcwele ufika ungene esidalweni esiphilayo, hhayi esithombeni esifileyo; kodwa esidalweni esiphilayo, futhi usebenza ngaleso sidalwa esiphilayo, hhayi ngesithombe. “Nina ningamathempeli kaNkulunkulu.” Niyabo?

<sup>126</sup> Ngakho siyabona ukuthi uNkulunkulu akaguquki, Wenza into efanayo kulobubusuku njengoba Wayenza ngezinsuku zikaSolomoni. Unika uSolomoni lesisiphiwo.

<sup>127</sup> Futhi siyathola, manje owesifazane omncane uzofanele alungele. Manje, wayenezinto eziningi ukuba zibhekane naye. Wayenenqwaba yesimo nenqwaba yesithiyo, kodwa hhayi ukukholwa kwakhe. Ukukholwa kwakhe kwakungenayo.

<sup>128</sup> Manje wacabanga lokhu, “Ngenyukela lapho. Futhi uma ngihamba, futhi uma into iqinisile, ngizoyesekela. Uma ingaqinisile, ngingabayela nazo ekhaya izipho zami.”

<sup>129</sup> Niyazi, ubefanele akhulume nabantu abangamaPentecostal. Kunjalo. Ehhe. Kunjalo. Uphumele lapho futhi uzibize ngePhentekoste, futhi wesekele izinhlelo zomsakazo ezihlekisa ngento okholelwa kuyo na? Futhi kungokwaphakathi kwabantu bakini uqobo, ukusiza wesekele uhlelo lukaNkulunkulu. Niyabo?

<sup>130</sup> Manje, kodwa wathatha imali, igolide nenhlaka, kanjalonjalo, futhi walayisha amanye amakamela.

<sup>131</sup> Manje, enye into, wayeno—nohambo olunengozi. Khumbulani, abantwana bakaIshmayeli wayesogwadule, futhi babengabaphangi. Futhi kulula kanjani ukuba lesosigejane sabaphangi siwele phakathi phezu kwalenkosikazi eyindlovukazi encane, nabathenwa abambalwa ehambisana nabo njengabaqaphi, futhi bababulale ngokubaceka labo futhi bathathe lonke leligugu.

<sup>132</sup> Kodwa, niyazi, uma ulambele futhi womele uNkulunkulu, awuboni ngozi, awuboni lutho. Uzama ukufinyelela kuNkulunkulu, noNkulunkulu njalo uyabona ukuthi uyafika lapho.

<sup>133</sup> Wayefuna ukufika lapho. Leso yisifiso senhliziyo yakhe, ngakho uNkulunkulu wayezoqikelela ukuthi uyafika lapho. Manje, akazange acabange ngengozi.

<sup>134</sup> Awucabangi ngengozi. Awucabangi ngokugxekwa. Awunandaba ukuthi omunye umuntu uthini. Uma inhliziyo yakho imlambele kakhulu uNkulunkulu, impokophelo kuphela onayo ngokufinyelela kuYe. Akwenzi mehluko ukuthi uzofika kanjani lapho. Ufika lapho nje! Manje, wayenaleyo mpokophelo efanayo.

135 Futhi manje, akungabazeki, wathola yonke imibhalo egoqwayo futhi wayeyifunda enyuka, lapho ehamba. Bafanele ukuthi babehamba ngesikhathi sasebusuku, ngoba, loloGwadule iSahara, leyomisebe ngqo yokushisa kushisa ngempela, ngempela.

136 Manje nje cabangani, wayenebanga elide kangakanani ayedingeka alihambe, ukuyobona ukuhlakanipha kukaSolomoni. Uma ulilinganisa kwibalazwe lakho, kuyizindlela ezinde ezansi lapho, cishe amamayela angamakhulu amathathu. Futhi niyazi ukuthi kwamthatha isikhathi eside kangakanani na? Manje, akahambanga ngemoto iCadillac efakwe isishayisa-moya, kodwa wahamba ngokugibela ikameli. Futhi kwamthatha izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, izinyanga ezintathu, ukufinyelela lapho.

137 Akumangalisi uJesu athi, “Uyoma nalesisizukulwane futhi asilahle.” Abanye babantu bahlala ngaphesheya komgwaqo, ngeke ngisho baze bathi shazi emnyango lapho into efanayo yenzeka khona. Kunjalo. Amen. Akumangalisi eyoma ekwaHluleni nesizukulwane manje, futhi asilahle. Qhabo, lapho sinezimoto oCadillac abafakwe izishayisamoya, nezitimela nezindiza, nandlela zonke, uNkulunkulu wakubeka nje ezandleni zenu ngqo futhi sisalokhu singayi kukwenza. Futhi uza lonke lelobanga ukuzozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, iNkosi uNkulunkulu uqobo lwaKhe! Qaphelani!

138 Manje-ke sithola ukuthi waqala ukunqamula ugwadule, efunda leyomibhalo egoqwayo, ekugcineni waphikelela phambili waze wafika lapho.

139 Mhlawumbe wenyukela egcekeni, igceke lesigodlo kumbe noma ngabe kwakukuphi, wayeseqxumeka amathende akhe, okwakuyisiko ngalezozinsuku, nezincekukazi zakhe ezincane nabathenwa bakhe, bagxumeka.

140 Futhi manje-ke ake sicabange nje, ngokusa okulandelayo, insimbi yakhala na—nawo onke amacilongo akhala, ukucula kwaqhubeka, wayesengena wayezitholela isihlalo emuva le ngemuva. Ufikela ukuthola ukuthi kwakuyini, iqiniso noma qha. Wayefuna ukuzitholela. Wayengavumi ukuhlala le phansi lapho. Uma ezwe lento enkulu, wayengeke athatha okushiwo ngomunye umuntu ngakho. Wayefuna ukuzitholela.

141 NjengoFiliphu watshela uNatanayeli, esifundweni sethu sasebusukwini bayizolo, wathi, “Kukhona okuhle okungavela eNazareth na?” Noma okuphuma e . . . Ngizocabanga ngendawo emzuzwini, lapho Evela khona. Wathi, “Kukhona okuhle okungavela eNazareth na?”

142 Wathi, “Woza futhi ubone. Ungahlali lapho futhi ugxeke. Woza, uzitholele.”

143 Uma kuphela besingenza into efanayo kulobubusuku. Woza, ubone! Thatha iBhayibheli lakho, kuhlole okubona kwenzeka. “Hlolani umBhalo,” uJesu washo, “ngokuba YiYona efakaza ngaMi.” UyiZwi. NemiBhalo qobo lwaWo uyiZwi, ngakho Ufakaza ngaYe uma umBhalo uba ngukuPhila kuwe, uma Ubonakaliswa kuwe.

144 Manje siyathola ukuthi wayefunde imibhalo egoqwayo, futhi wayeyazi imvelo yokuthi uJehova wayenjani: konke ukuhlakanipha. Futhi ngenkathi egxumeka amathende akhe amancane, wanamathisela izipho zakhe emuva ekhoni, ethola ukuthi ngabe kwakuqinisile noma qha. Uma kuqinisile, kubiza yonke into anayo. Uma kungaqinisile, akubuyisele emuva.

145 Futhi ngicabanga into efanayo kulobubusuku. Uma lelicebo lensindiso esililwelayo liqinisile, sikweleta yonke into esinayo, impilo yethu, isikhathi sethu, yonke enye into yethu. Uma ingaqinisile, khona-ke thola ukuthi yini eqinisile; ngoba unalempilo yodwa nje, futhi masinya izodlula. Hlola imiBhalo, kuqala, futhi ubone ukuthi kuyaqhathaniseka yini nomBhalo.

146 Manje-ke sithola lona wesifazane omncane ezitholela isihlalo emuva le ngemuva, njengazozonke izifiki zizama ukwenza ngesinye isikhathi. Futhi emva kokuba icilongo selikhalile. Umelusi uSolomoni wangena, wahlala phansi. Umhlangano waqala. Amakhadi omkhuleko labizwa. Lokho kuzwakala kabi, kodwa ngizama ukwenza iphuzu. Futhi wathola manje. Wathi, “Ngizobona lapho lokhu kuhlakanipha kukhona.” Ngakho ngenkathi isiguli sokuqala, noma kanjani siza, kumbe noma ngabe umbuzo wawuyini, ufika phambi kukaSolomoni, wawembula. Wathi, “Awusho, lokho kuqinisile.”

147 Manje, wayengafuni ukuba athi, “Uyazi, leyondoda inokufunda umqondo, ngiyakholwa.” Inhliziyo yakhe iqala ukulamba. Uqala ukukholwa, usuku nosuku.

148 Ekugcineni kufika isikhathi sakhe ukuba ame phambi kwakhe. Wayenezinye izimfihlo, naye. Futhi ngenkathi enyuka phambi kukaSolomoni, iBhayibheli lasho, ukuthi, “Kwakungekho lutho enhliziyweni yakhe okwagodlwe uSolomoni.” Wembula yonke imfihlo enhliziyweni yakhe.

149 Futhi ngenkathi kwenziwa kuye, wama njengomhedeni phambi kwabantu, wayesethi, “Konke engikuzwile kuyiqiniso, nangaphezulu.” Wathi, “Babusisiwe abantu olapha ukubona lento yenzeka nsuku zonke.” Amen. O, wa—wayengasenamoya kuye, cishe impela. Ngenkathi esebone ukuthi abanye babenakho kwenziwa kubo, futhi wayenakho kwenziwa kuye, futhi wamkholwa uNkulunkulu.

150 Akumangalisi, akumangalisi ukuthi uJesu washo ukuthi, “Uyoma nalesisizukulwane.” Ngenkathi, naNgo wayemi lapho, enza yona impela into efanayo, kuphela okuningi kwakho, nezinye futhi izimangaliso ezinamandla; futhi babemi

lapho, “Khombisa,” bethi, “sikhombise isibonakaliso esivela eZulwini.” O, abantu bangaphuphutheka kangaka! Wathi, “Uyoma ekwaHlulelweni, nalesisizukulwane, futhi asilahle.”

<sup>151</sup> Futhi manje-ke emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokushunyayelwa kweVangeli, noMoya oNgcwele uthulula ngalolu izinsuku zokugcina, phezu kwabantu, iziphiwo zikaMoya oNgcwele, futhi wethembisa ukuthi lokhu ukubona okufihlakeleyo okukhulu kuyobuyela ebandleni futhi; belingenzani kulesisizukulwane uma lima lapho, emva kwesikhathi salo kuhlangukiswa neminyaka eyizinkulungwane ezimbili zokushunyayelwa kweVangeli, ngalolu izinsuku zokugcina ukubona iziphiwo, hhayi isiphiwo, kodwa iziphiwo zikaMoya oNgcwele na? Lanikela ngempilo yalo kuKristu. Ngani na?

<sup>152</sup> Ngizodingeka ngivale, ngoba angi... Ngi—ngifuna ukunikhulekela.

Bangani, niyabo, bathi, “Sikhombise isibonakaliso. Sifuna...”

<sup>153</sup> Yileyo indaba ngamaPentecostal. Nibheke into ethize, futhi ngolunye lwalezizinsuku izoba kude kakhulu. Yedlula ngqo ngakini, futhi aniyazanga.

Khumbulani, ngezinsuku zikaElija, abamazanga.

<sup>154</sup> Ngezinsuku zikaJohane umBhaphathizi, abamazanga. Futhi kwakhulunywa ngaye, emBhalweni, ukuthi uyobakhona, “Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela.”

<sup>155</sup> Futhi ngisho nabafundi bafika kuYe, bathi, “Kungani kumelwe ukuba uEliyase afike na?”

Wathi, “Usefikile vele, futhi anikwazanga.”

<sup>156</sup> Babengamazi uJesu ukuthi wayenguKristu, waze Wafa futhi wembelwa.

Abazanga ukuthi uIrenaeus wayekhonzela noma...

<sup>157</sup> Ngizosho lokhu, ukuthi bonke abantu bazokwazi. Abazanga ukuthi uJoan wase Arc wayengongcwele kaNkulunkulu, baze bambulala. Ibandla eliKatolika lamshisa uJoan wase Arc, ngokuba ngumthakathikazi, ngoba ubone imibono futhi wakhulekela abagulayo, wavusa abafuleyo. Nebandla eliKatolika lambiza ngomthakathikazi, futhi lashisela lowo wesifazane esigxotsheni. Futhi cishe iminyaka engamakhulu amabili kamuva, bavuka base bethola ukuthi wayengongcwele. Kusobala, benze ukuzihlawulisa okukhulu, bembulula leyo umzimba wabapristi base beyiphosa emfuleni. Umbhedo!

<sup>158</sup> Kodwa bhekisisani, kungahle kwenzeke phakathi kwethu, ukuthi into ingahle ifike futhi ikhonjwe ngokucacile nguNkulunkulu emBhalweni, nangesayense nayo yonke enye

into, futhi kuyosedlula futhi singayazi. Manje-ke ame ngosuku lokugcina, ekhonjwa ngokucacile.

<sup>159</sup> Umuntu usafana. Umuntu njalo udumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, futhi bakhuluma ngalokho Azokwenza, futhi benganaki lokho Akwenzayo. Leyo yimvelo yomuntu.

<sup>160</sup> Ake siMbuke, Akwenzayo manje. UnguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade, uJehova uNkulunkulu ofanayo owabonakaliswa kuYe. “Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgangikuBaba, noBaba ekiMi; Mina ngikini, nani nikiMi.” UNkulunkulu ezehlisa esuka eNsikeni yoMlilo, eya kuMuntu; futhi ukusukela kulokho kuphila okuhlatsiwe koMuntu, iGazi elasihlanza futhi lehlela kithi, ukuhlanganyela futhi, ukuhosha ibandla lenzelwe i-Edeni futhi.

<sup>161</sup> Ngani na? Manje thulani umzuzu nje. Lokhu kwenzani kulowo wesifazane na? Wayengusonkolo ozishoyo, kodwa inhliziyi yakhe yayilambebe ukubona into ethize yangempela. Wayefuna into ethize yangempela.

<sup>162</sup> Uma ulambebe ukubona into ethize yangempela, uNkulunkulu uzokukhombisa yona. Njalo uyokuthola okufunayo.

<sup>163</sup> Kungikhumbuza, njengoba nonke bantu nazi ukuthi ngi. . . Bengikhuluma kumngani wami emuva lapha, uMfowethu Brown, esikhashaneni esedlule. Ngiyakhumbula uDadewethu Brown ulapha ndawondawo, wathi owesilisa; akabusiwe owesifazane. Ukuthi ngahlala kanjani nalabobantu ezansi lapho ngalezozinsuku zokuqala zenkonzo yami! NoMfowethu Brown uluhlobo lomfowethu onelungelo lokuzisebenzela kimi, ngoba uyakuthanda ukuzingela. UDadewethu Brown wamthengela isibhamu ingebe eyiBrowning ezishintshayo. Ngambuza ukuthi ngabe wayesenayo yini. Wathi, “Yebo.” Ngizomphendula abe yisibhamu esikhulu, ngolunye lwalezizinsuku, adede kuleyonto endala ebhacebhacekayo.

<sup>164</sup> Manje qaphelani. Kodwa ekuzingeleni, ngangivame ukwenyukela emahlathini asenyakatho ukuyozingela izinyamazane amadiye, phezulu le, eNew Hampshire naseMaine, futhi yikhaya lenyamazane idiye emsila-mhlophe. Futhi nganginophathini phezulu lapho, engangizingela naye. Futhi wayengumzingeli okahle, cishe oyiNdiya lokuzalwa ikota. Futhi wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngaye; awuzukulahlakelwa nguye, uyazi ukuthi kuyiwe kuphi. Futhi wayengumzingeli okahle. Sasehlukana, futhi izindawo esasihlangana kuzo ukunqamula lezozintaba ezimhlophe nememo emikhulu, kodwa sasitholana. Futhi sasingesibo abahambi-mzila; sasizingela. Ngiyathanda ukuzingela noBert.

<sup>165</sup> Wayengumzingeli oyigcokama, kodwa wayeyindoda enesihluku kunawo onke esengake ngawabona. Leyondoda yayininhliziyi kuyo enjengetshe. Yayinonya. Yayinamehlo



abukeka efana nawebanda, futhi ya—ya—yayinesihluku nje, nje inesihluku ngokulula nje. Futhi yayivamise ukuthanda ukudubula amazinyane ezinyamazane, leyo yingane encane yenyamazane idiye, ukuba nje ingenze ngiphatheke kabi. Yayibulala lamazinyane ezinyamazane amancane, futhi ngangithi, “Bert, awunamahloni ukwenza lokho na?”

<sup>166</sup> Futhi wayethi, “Yingaleyondlela nje ngani bashumayeli, ninenhliziyo yenkukhu kakhulu.”

Ngathi, “Bert, lokho akusikho ukuba nenhliziyo yenkukhu. Lokho ngokuba nonya.”

<sup>167</sup> Manje, kulungile, u—u—ubulili benyamazane idiye noma ubungako. Uma umthetho uthi ungalibulala izinyane lenyamazane, qhubeka futhi ulibulale. Awu, uAbrahama walibulala ithole futhi waliphakela uNkulunkulu. Kwakungesilo iphutha ngengane yenyamazane idiye.

<sup>168</sup> Kodwa nje ukulibulala futhi uwashiye elele lapho, ukuba nje ube nesihluku, lokho ukubulala ngamabomu. Futhi angikuthandi lokho, futhi ngangimtshele. Ngangithi, “Bert, ungumngani wami, futhi ngiyakuthanda, futhi ungumzingeli okahle. Ungumdubuli ngempela, umnembi, onembayo.” Ngathi, “Ngiyakuthanda, kodwa—kodwa u—u—unonya.”

<sup>169</sup> Futhi wayethi, “O, Billy, uma wawungesuye umshumayeli, wawuyoba ngumzingeli okahle.”

<sup>170</sup> Ngase ngithi, “Lalela, Bert, ungaba nobuntu ngalokhu.” Ngathi, “Lokho kuyiphutha.”

<sup>171</sup> Wathi, “Wena . . .” Ngangingumqaphi wezinyamazane iminyaka, niyazi. Wayesethi, “Wena, wahlala ekongeni isikhathi eside kakhulu.”

Ngathi, “Qhabo, angizange.”

<sup>172</sup> Futhi ngakho ngelinye ilanga ngenyukela phezulu lapho ukuyozingela. Kwase kuthi ukuba leyithi enkathini yonyaka. Ngangikade ngibambe eminye imihlangano. Neqhwa lase livele lifikile, cishe ama intshi ayisithupha, iqhwa elikahle lomkhondo. Ngase ngihlangana noBert, futhi wathi, “Awusho, Billy, nginento ethize yakho entsha.”

Futhi ngathi, “Ini?”

<sup>173</sup> Wakhipha eyembeni lakhe impempe encane, futhi wayishaya lempempe encane. Futhi yayikhala njengenyamazane idiye eseyingane ibiza umama wayo, niyazi, izinyane lenyamazane elincane nje, lokho kukhala okuncane ezikhalayo.

<sup>174</sup> Ngase ngithi, “Bert, awuqondile ukungitshela ukuthi uzo—uzokwenza lokho na?”

Wathi, “O, hlakanipha, mshumayeli.”

<sup>175</sup> Ngakho ngosuku olulandelayo sahamba sayozingela. Futhi ngokuvamile sithatha isemishi, futhi—futhi sithatha ibhodlela

elincane lika—likashokoledi oshisayo, ngoba linoshukela kulo, niyazi, futhi kwakusigcina sifudumele. Ya, kubanda kakhulu phezulu lapho, ngalesosikhathi sonyaka. Ngakho thina . . .

<sup>176</sup> Inkathi yonyaka yayisingenile. Futhi—futhi uma udubula ngezibhamu izingebe ezithi azibembili, ukhuluma ngoHoudini eyingcweti ebalekayo, wayeyimfundamakhwela ngakulezo zinyamazane amadiye. Isizathu, ziyosuka khona manje, zinyonyobe phansi kwenqwaba yezihlala noma yini, bese kuthi-ke zidla ebusuku uma inyanga ibikhanya. Khona-ke, uma zingadlanga, zizobulawa yindlala, ngaphambi kokuba ziphume, ngoba zazazi ukuthi kwakungukufa ukuphumela lapho. Futhi ngakho inkathi yonyaka yayisingenile, abantu babekade bezingela amaviki awathi awabe mabili.

<sup>177</sup> Futhi sahamba ukusa konke, futhi asibonanga ngisho nowodwa umzila. Cishe imini yonke, wayehamba phambi kwami. Sasenyukela esiqongweni sengoxe, bese-ke sehlokana futhi sibuye ngezindlela ezimbili ezehlukene, futhi sifike ekhempini ngalobo busuku, mhlawumbe singene ngelesishiyagalolunye, eleshumi nqo. Uma sibulale inyamazane idiye, sasiyigaxa, ngakho sobabili sibuyele emuva ngosuku olulandelayo futhi sisize ekuyingeniseni. Ngakho sasenyuka, ukwehlukana, futhi sasingakafinyeleli phezu komugqa wezingondo.

<sup>178</sup> Futhi cishe ligamenxe eleshumi nanye noma eleshumi nambili nqo, uBert wathi ukuqhotha. Iqhwa lalijula kakhudlwana, enhla phezulu entabeni. Futhi wathi ukuqhotha, futhi ngacabanga wayefinyelele emuva . . . Akashongo lutho oluningi kakhulu. Futhi wafinyelela emuva lapho, ngacabanga ukuthi wayezothola ilantshi yakhe; futhi ngahamba ngathola ilantshi yami. Ngacabanga, “Awu, sizodla. Yilapha lapho esihlukana khona, futhi wayezohamba azungeze ngalendlela, futhi nangizohamba ngenye indlela.”

<sup>179</sup> Futhi wahlala phansi. Kwakukhona umcabo omncane, cishe ngokuphindwe kabili kusayizi walendlu, omncane nje, esikubiza, okufana nepaki yotshani. Singakaze sibone-mzila ukusa konke. Futhi wahlala phansi lapho eceleni kwalokhu, ngaphansi, ngasezihlahleni ezithize, uhlobo logu lweqhwa oluncane; wafinyelela phansi *kanje*, njengokungathi wayezothatha iflaski yakhe—yakhe noma isemishi lakhe, waqala ukulikhipha. Futhi ngafinyelela kokwami. Futhi wakhhipha lempempe encane. Futhi wangibuka phezulu, nalawo mehlo ebanda.

<sup>180</sup> Futhi washaya lempempe. Futhi ngenkathi eshaya lempempe, wayekwenza ngempela kusebenze, kwakukhala nje njengezinyane lenyamazane elincane. Futhi ngenkathi ekwenza, okwangimangaza, ngaphesheya kwalowomcabo ngqo, umama omkhulukazi wenyamazane idiye wasukuma.

Leyo yinyamazane yensikazi, insikazi; isilwane esihle, amehlo amakhulu ansundu, nalawomadlebe emile. Futhi wangibuka phezulu, *kanjalo*, nalolohlobo lwalokho kusineka kobuthutha. Wangibuka phezulu kanjalo, wabuyisela impempe yakhe emuva. Ngacabanga, “Bert, ngeke wakwenza lokho.”

<sup>181</sup> Wathi, “Sh.” Futhi ngibonile i . . . Wayishaya futhi, kancane impela, kalula.

<sup>182</sup> Futhi, manje, lokho akujwayelekile ngaleyonyamazane idiye. Ngalesosikhathi sasemini, ngeleshumi nanye nqo emini, iphume? Qhabo. Kwakuyini na? Ingane yakhe yayisenkingeni. Waphakama. Ngayibhekisisa, emva kwalesisihlahla.

<sup>183</sup> Futhi wayishaya futhi. Yenza amanyathelo amabili noma amathathu iya phambili, iza ngqo iphumela esikhaleni.

<sup>184</sup> Lokho ngakho konke akwejwayelekile. Yebo, mnumzane, angeke ikwenze lokho. Qhabo, mnumzane. Kodwa kwakuyini na? Ingane yayo yayisenkingeni.

<sup>185</sup> Futhi yahamba amanyathelo ambalwa iqhubeka, lawomadlebe amakhulu, yabuka eceleni. NoBert omdala wangibuka phezulu. Futhi ngacabanga, “A-o.” Ngambona efaka lelogobolondo phezulu embhobhweni walesosibhamu iteti-ought-siksi, futhi wehlisa idlebe.

<sup>186</sup> Wasukuma, nalolonwele oluyisiphambano lwalesosibuko esandisayo luza maqondana ngqo nenhliziyo yayo. Futhi ngenkathi ephakamisa isibhamu sakhe ingebe, inyamazane idiye yambona umzingeli. Yaphenduka.

Futhi washaya leyompempe futhi.

<sup>187</sup> Niyazi, ngokujwayelekile leyonyamazane idiye yayiyobe isihambile. Kodwa hhayi yona. Ngani na? Yayingumama. Yayingazenzisi. Ngaphakathi kwayo, yazalwa ingumama. Ingane yayo yayisenkingeni. Nakuba yayazi ukuthi kwakungabiza impilo yayo, yayingenandaba. Yayingumama. Yayingazenzi uhlobo oluthize lwesenzo. Kwakungokoqobo, ukuphila kwayo. Yayingumama.

<sup>188</sup> Futhi ngibone umzingeli edonsa isibhamu sakhe; futhi wayengumnemi. Futhi ngaphendula ikhanda lami. Ngingengeke ngikubuke. Ngacabanga, “Angakwenza kanjani lowomuntu onenhliziyo enonya aqumise inhliziyo iyothi ngqu yedlule leyonhliziyo eligugu ethembekile ishaya ngenxa yengane yayo na? Angayiqhumisa kanjani inhliziyo yakho iphume kuyo na?” Futhi ngazi ukuthi leyo enkulu inhlamvu esakhowe eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili enhlamvu yayiyoshanela inhliziyo yayo ithi ngqu iphume kuyo, kulelobanga. Ngacabanga, “Angakwenza kanjani na?” Futhi ngafulathela, ekuvimbeleni ukukubuka.

<sup>189</sup> Futhi ngaqala ukukhuleka. Ngathi, “Baba waseZulwini, leyondoda ingaba kanjani nonya kangaka na? Lowomama

oyigugu, akukho ayengakwenza kulokho. Akabukisi. Ungowoqobo. Futhi u—futhi ungumama, futhi ubiziwe, ezama ukuthola ingane yakhe. Nakuba kubiza impilo yakhe, ingane yakhe isenkingeni.” Futhi ngangikhuleka, qobo lwami, ngilalele nanganoma yisiphi isikhathi ukuzwa lelodlebe liqhuma, ukuwa, nalesosibhamu siqhuma. Futhi nje ngangimi lapho ngizibambe *kanje*, ngikhuleka.

<sup>190</sup> Ngalinda, ngalinda. Isibhamu ingebe asangaqhuma. Ngalinda nje umzuzwana. Ngaphenduka ukuba ngibuke, futhi wayehamba *kanje*. Wayengasakwazi ukubamba isibhamu sakhe ingebe. Ngabuka ngakuye.

<sup>191</sup> Wangibuka phezulu. Umumo wobuso bakhe washintshwa. Lawomehlo ebanda ayeweke kwenye into. Izinyembezi lwaqathakela ezihlathini zakhe. Waphosa emhlabathini isibhamu ingebe. Wathi, “Billy, sengikhathele yikho. Ngiholele kulowoJesu okhuluma ngaye.”

<sup>192</sup> Lapho kulologu lweqhwa, ngaleyontambama, ngaholela leyondoda enhliziyu enonya kuJesu Kristu. Ngani na? Ngoba yayibone into ethize engeyangempela, into ethize eyayingesikho ukuzenzisa, into ethize eyayingeyoqobo.

<sup>193</sup> O, lelizwe elilambayo lifuna into yangempela, into ethize engesiyo eyokuzenzisa, into ethize engeyoqobo, ezalwa nguNkulunkulu, evela eBhayibhelini. Ubungeke, kulentambama, mama, mfowethu; ubungeke, mKristu, wathanda ukuba noJesu Kristu kanjalo enhliziyweni yakho, uMoya kaNkulunkulu kakhulu impela enhliziyweni yakho, eyokuqhubela ekwenzeni izinto ezithembeke kakhulu njengoba leyonyamazane idiye yenza ngengane yayo na? Ungeke wathanda ukuba ngumKristu oyilohlobo na? Ungathanda ukuba nalohlobo lwensindiso oluyo... wena... ukufa noma lutho olunye, futhi nje u—uthando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakho, njengoba yayinothando lwengane yayo na?

<sup>194</sup> Manje indlela kuphela okungaba ngayo. Ungeke-wakwenza ngokujoyina ibandla. Ungeke wakwenza ngokufaka igama lakho encwadini. Kufanele kube ngempela. Kufanele kube ngokoqobo. Kufanele kube ukuzalwa. Kufanele kukuguqule, kusuka ekubeni ngumzenzisi, kuya kumKristu wangoqobo.

<sup>195</sup> Wena uthe, “Ucabanga ukuthi uthando lungaba lukhulu kangako na? Ucabanga ukuthi Angangithanda mina na?”

<sup>196</sup> Wathi, “Umama kungahle ukuba wayikhohlwa ingane yakhe encelayo, kodwa angeke neze Nganikhohlwa. Amagama enu aqoshiwe ezintendeni zesandla saMi.”

<sup>197</sup> UNkulunkulu weza emhlabeni, esimweni soMuntu, futhi—futhi—futhi wazisombulula qobo lwaKhe, wanweba ithende laKhe; ukusuka ekubeni nguJehova uNkulunkulu, weza ekubeni nguMuntu, ukumela ihlazo nesiqalekiso. UJehova uNkulunkulu omncane emkhombeni, ngaphansi kwenqwaba

yobulongwe, ezansi lapho ekhala emkhombeni; uNkulunkulu, uMdali wamaZulu nomhlaba, emi lapho enyameni yomuntu, ukuthatha ukufa kwezono zenu phezu kwaKhe uqobo, ukuze Ezonikhulula ukuba nibe ngumKristu kakhulu kunalokho leyo nyamazane idiye engumama eyayiyikho. Ningalwenqaba kanjani uthando olungaqhathaniseki kangaka na? Khonake, ngale kwalokho, Wabhala iZwi laKhe. Lokho kwenele. Beningathatha izwi lami, nifanele ni. . .kuzoba kahle, kodwa hhayi Yena. Wenyukela Phezulu futhi wapha umuntu izipho. Uyabuya ngesimo sikaMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo, ukuvula inhliziyi yakho, ngeGazi elibuyisanayo.

<sup>198</sup> “Ngakho-ke phelelani, njengokuba uBaba Wenu eZulwini epehelele.” Akukho namunye wethu ongaba yilokho. Angibuki kulokho engiyikho. Mina, angifanele. Awufanele. Ubani ofanele na? Angibuki kulokho engiyikho; ngibuka lokho Ayikho. NguYe owabukwa. UnguMhlatshelo wami. Angifanele ukuma lapha njengomfundisi. Uma ngibale ukufanela kwami, bengi—bengiyoba sesiHogweni, kanjalo nawe. Kodwa asibuki kulokho esiyikho.

<sup>199</sup> Wena uthi, “Bengingeke ngikwenze lokho. Bengingeke ngibize. Bengingeke ngithinte ingubo kaNkulunkulu. Bengingeke ngikwenze *lokhu*.”

<sup>200</sup> O, ungakwenza! Buka ukuthi kwenzekani na? Wafa, ukuze wena ukwenze, ukuthi ungasindiswa. Lokho ngokoqobo. Ungathanda ukuba yilokho, futhi uthanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngizokwenza, Mfowethu Branham.”

Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>201</sup> Namakhanda ethu ekhotheme, woza ngobumnandi, ngokuzithoba manje. Asinandawo lapha ukubizela ealtare. Akukho ngisho ialtare. Kodwa iBhayibheli lathi, “Abaningi abakhulwayo, wabhaphathizwa.” Ukubizela ealtare, kufika osukwini lweMethodisti, okungukuthi kulungile. Kodwa esikhathini seNkosi yethu nabaphostoli, ba “kholwa ekuPhileni.” Na “sindiswa ngokukholwa, ngomusa.” Uma ungenaso lesosehlakalo kulobubusuku, mfowethu, dadewethu!

<sup>202</sup> Besifazane, uma ningenawo umusa owenele enhliziyweni yenu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi iBhayibheli lifundisa ukuthi nifanele niyeke ukuphungula izinwele zenu, ukugqoka izikhindi nokuzipenda! Uma ningenawo lowomusa ongako enhliziyweni yenu, kulobubusuku! Futhi niyazi iBhayibheli lifundisa ukuthi nifanele. Angeguquke. Wena uthi, “Angizigqoki izikhindi. Ngigqoka amabhulukwe amasleksi.” Lokho kubi kakhulu.

<sup>203</sup> UNkulunkulu wathi, “Owesifazane oyogqoka ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso kuNkulunkulu.”

204 Nawe ndoda ongeke uyeke ukundwaza futhi ubuka abesifazane begqoke ngokungahlonipheki, izithombe zosuku! Wena ndoda ongenawo umusa owenele ngempela enhliziyweni yakho ukwenza umkakho nezingane ziyeke ukwenza into enjalo enjengaleyo, uthando lukaNkulunkulu alugxilile okwehange enhliziyweni yakho; ungabizwa ngeNdodana kaNkulunkulu. Usalokhu useSodoma, indoda engeke yalawula indlu yayo uqobo; uNkulunkulu wayigcobela ukuba ikwenze.

205 Nani badikoni oganwe kabili noma kathathu! Nawe ndoda enibalekela omkenu, futhi nizame ukubambelela ekushoni kwenu! Nina besifazane enege enye indlela! Nina bantu enicasha emva kwesembotho sesonto! Ihlelo lenu aliyikuzihlanganisa ngalutho nomfo olandelayo, akabe ngumKristu noma qha; uma engesiye oweqembu lenu, anizukuzihlanganisa ngalutho naye. Nginyanidabukela!

206 Kwangathi uNkulunkulu angaveza obala ngempela, kulobubusuku, kini. Kwangathi ningeza kuYe, kamnandi manje, futhi nithi, “Nkosi, ngithethelele ngezono zami. Kusukela kulobubusuku, emva kwalokhu, ngizoKukhonza.”

207 Nina enithanda uhlelo lwethelevishini, ukuthi niyohlala ekhaya ukubona ingcweti yesithombe ethize eyonakele njengo *Sithanda uSacy* noma lokho okunye kwalena enye into leyo abanayo, bahlale ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba babuke itheleveshini esikhundleni sokuza endlini yomkhuleko, uthando lukaNkulunkulu seluhambile enhliziyweni yenu. Nenza lokho, futhi nisalokhu nibambe ubulunga benu na? Uthando lukaNkulunkulu luyokususa kulokho, futhi lukuyise ebandleni lakho, kumfowenu—wenu nodade; ukuba nihlangane ndawonye, nihlale ezindaweni zaseZulwini futhi nilalele umelusi wenu eshumayela. Futhi i—invuselelo, noma ikhempu, isiyaphela manje. Uma lokho kusalokhu kusenhliziyweni yakho, asikhuleke ndawonye manje ukuthi uNkulunkulu uzokususa.

208 Nkosi Jesu, siza nokuzisola okuthobekileyo, siza ngezinhliziyo ezidabukile ngokona, Nkosi. Sonke sinecala. Siphambukile samelana neMiyalelo yaKho. Siphambukile emithethweni yothando lwaKho olwasisindisa. Ibandla qobo lwalo lichezukele ekutetemeni nokwakha izinhlelo, nazo zonke izinhlobo zezinto; futhi sashiya umhlangano womkhuleko no—noMoya oNgcwele ngento ethize ekanye noma kabili ngeviki, kanti kufanele kube sezinhliziyweni zethu nomqondo njalonjalo. Sithethelele, Nkosi.

209 Thethelela abefundisi bethu, Nkosi, abazoma epulpiti futhi babenamahloni ukumemezela iVangeli likaKristu eligcwele. Ukuthi kanjani ukuthi abaningi babo namhlanje. . . Umhlaba wonke usuphenduke iSodoma. Abefundisi abaningi bahlezi kwisifunda-mfundisi sabo, kulobubusuku nakusasa, noma ekutadisheni kwabo, bezama ukuthola amazwi; futhi

bagijime banqwamane neZwi likaNkulunkulu, futhi babone izonzo, kodwa bayesaba ukusho noma yini ngakho, ngoba bazokhishwa ebandleni. Ibhodi yabadikoni izobaphakamisa, futhi bazophendulelwa kwekomkhulu futhi bakhishwe, bebe bazi ukuthi bafanele bashumayele bamelane nesono. NguLoti, futhi, “Izono zaseSodoma zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo.” Kodwa umuntu akanaso isibindi. NjengoLoti nje, wayengenaso sibindi sokusukuma.

<sup>210</sup> Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, Uzosithethelela ngezinto ezinjalo njengalokho. Kwathi singaba njengoPawulu wasendulo, “Angigwemanga ukunishela lonke icebo likaNkulunkulu.” Sithethelele sonke, Baba.

<sup>211</sup> Njengalendatshana elula, yalolosuku lukaNovemba olubandayo, esiqongweni saleyontaba lapho; ukuthi kanjani leyondoda, kulobubusuku, idikoni ebandleni ehla lapho, umKristu othembekile, ngoba umama wenyamazane idiye uyavela futhi waveza obala into ethize eyiyo ngempela kakhulu. Wena uthe, “Uma—uma bethula, amadwala ayakumemeza.”

<sup>212</sup> Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha into ethize eyiyo ngempela kakhulu, kulobubusuku, ezoheha ukunaka kwethu kuKristu, ukusazisa ukuthi Uphakathi kwethu, kulobubusuku.

<sup>213</sup> Izandla ezidabuka ngokona ziphakamile, amakhulu azo. Bathethelele, Nkosi. Manje ngikhumbuza Wena, Nkosi, ngomBhalo Wena owathi, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” Bebengaziphakamisa kanjani izandla zabo Ungabadonsanga na? Ngenkathi bephakamisa izandla zabo, bephula yonke imigomo yesayense. Amandla adonsela emhlabeni ehlisa izandla zabo. Kodwa bekunomoya kubo, nangoMoya ngabo, othe, “Unephutha. Phakamisa izandla zakho.” Futhi kushaye indiva imithetho yamandla adonsela emhlabeni, futhi baphakamisele izandla zabo ngakuMdali, “Ngihawukele, Nkulunkulu.”

<sup>214</sup> Futhi Wena wathi, “Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi. Angisoze ngabalahlela ngaphandle. Ngiyakubapha ukuPhila okuPhakade, futhi ngibavuse ngomuhla wokuphela.” Wena wathi, “Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila usegunaphakade, futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.”

<sup>215</sup> [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . eMbusweni kaNkulunkulu, ukwenza amalunga athembekile oMzimba kaKristu. Namabandla abo, alababefundisi, kwangathi angakhula futhi akhule namalunga, azalwe ngokusha, eMbusweni kaNkulunkulu. Busisa abazalwane bami, ukuthi noma ngabe ngubani abamkhulekelayo aphiliswe; iVangeli abalishumayelayo, lingaweli phezu kol’khuni, umhlabathi onamadwala, kodwa phezu kwezinhliziyi ezithambileyo.

216 Siphe khona, Nkosi, ukuthi uMbuso kaNkulunkulu masinya uzokwaxhiwa emhlabeni. Wena uzela izithunywa zaKho. Ngoluny'suku iWundlu lizosuka endaweni engcewele, liphume ukuba lithathe iNcwadi esandleni saKhe OnguMnikazi wencwadi eyisibopho sakho. Ngenkathi umuntu ephambuka, neNcwadi yokuPhila yabuyela kuMniniyo wasekuqaleni. Umuntu, konke ukuphila kwalahleka; Futhi kwakungekho'muntu, eZulwini noma emhlabeni, owayefanele. Kodwa i—iWundlu liyaphuma, iWundlu elineGazi elalihlatshiwe selokhu kwasekelwa umhlaba, elifikayo futhi layithatha iNcwadi yokuHlengwa futhi laYivula. Nkulunkulu, kwangathi igama lami lingaba lapho. Kwangathi onke amagama lapha angalotshwa Lapho, Nkosi, elihlengiwe kulelicebo elikhulu lokuhlengwa. Siphe khona, Baba.

217 Futhi manje sibanika Wena. Ngibanikela kuWe. Futhi uma ekhona lapha ongakaze abhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, kwangathi bangeza ngaphambili, ngesenzo sokukholwa, futhi bavume ukuthi banephutha, futhi babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zabo, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcewele. Siphe khona, Baba.

218 Uzosizwa yini, Baba, phezu kwalomkhuleko, njengoba ngokuzithoba siwethula kuWe, eGameni, iGama elenele konke ukuthi onke amaZulu nomhlaba ethiwa ngalo, uJesu Kristu. Amen.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,  
Elimuncwe emithanjeni kaImanuveli,  
Nezoni zabhukuda phansi kwethantala,  
Zasusa lonke ibala lazo elinecala.

Zasusa lonke ibala lazo elinecala,  
Zasusa lonke ibala lazo elinecala;  
Nezoni zabhukuda phansi kwethantala,  
Zasusa lonke ibala lazo elinecala.

219 Aniwathandi lawomaculo amadala na? Qhubekani. Awamangalisi na? Abhalwe ngepeni likaMoya oNgcewele. Ngiyawathanda nje. Ngicabanga ukuthi amaculo ejubili mahle, kodwa ngithanda leli amaculo amadala eGazi, amaculo okuKholwa. Asilicule, eliny'ivesi, eliyifeshini endala, indlela yasemaphandleni, indlela esasilicula ngayo emuva emagqumeni iminyaka eyedlula.

Isela elalifa lajabula ukubona (lelithuba lalo lokugcina)  
LowoMthombo ngosuku lwalo;  
Kwangathi ngingaba lapho, nakuba ngimubi njengalo,  
Ngigezwe kusuke zonke izono zami.

220 Asivale amehlo ethu futhi kamnandi silicule kuKristu.



Isela elalifa lajabula ukubona  
 LowoMthombo ngosuku lwalo;  
 Futhi kwangathi ngingaba lapho, nakuba  
 ngimubi njengalo,  
 Ngigeze kusuke zonke izono zami.

Ngigeze kusuke zonke izono zami,  
 Ngigeze kusuke zonke izono zami;  
 Futhi kwangathi ngingaba lapho, nakuba  
 ngimubi njengalo,  
 Ngigeze kusuke zonke izono zami.

221 O, akunenzi yini nizizwe senikolobheke konke kwaphuma ngaphakathi, nizwa nje ubumnandi boBukhona bukaNkulunkulu na? “Manje seningamadodana kaNkulunkulu. Manje sesiphakanyiselwa ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu,” ngalolonke igunya, amaZulu nomhlaba kunikwe thina. Senake nacabanga ngalokho na?

Omunye umuntu uthi, “Akhona amandla onawo na?”

“Qhabo, kodwa ngingenunya.”

222 Kunjengephoyisa elincane limi phandle lapha emgwaqeni, umfo omncane nekepisi elidlubhe phezu kwezindlebe zakhe, esinda cishe amaphawondi ayikhulu, ibheji linamathele kuye. Futhi nakhu kuza isigejane sezimoto zehla ngomgwaqo, zenza amamayela ayikhulu ngehora; ngayinye yazo, amandla alingene namahashi angamakhulu amane noma amahlanu. Belingeke lamisa nayinye yazo. Kodwa ake liphakamise lesosandla. Ehhe. Linegunya. Yilokho okwenza amabreki aklwiklwize. Akusiwo amandla alo. Yigunya lalo.

223 Futhi sinegunya, ngoJesu Kristu. Yingalesosizathu amademoni edazuluka. Niyabo? Hhayi ngoba sinamandla, kodwa sinegunya. UMoya oNgcwele ulapha, igunya likaNkulunkulu. “Imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza.” “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” NgiyaMkholwa.

224 Manje sihlezi ezindaweni zaseZulwini, eBukhloneni bukaKristu, siphakanyiselwe ngaphezu kweminako yezwe, sayongena ezingeni lendawo yokukholwa. Yini ebingenzeka lapha kulobubusuku na? Bekungaba khona enye iPhentekoste. Bekungaba khona into engaka eyenzeka khona lapha, kulobubusuku, njengoba kwakunjalo eZenzweni 2. Kunjalo.

225 UKristu ulapha. Ukuba besingasusa ubulukhuni bezinhliziyi zethu! Ngabe Unathi na? Ngabe kuyiqiniso na? Ngabe uKristu uphakathi kwethu na? Wethembisa ukuba khona. UbungaMazi kanjani na? Hhayi ngendlela Ayebukeka ngayo, kodwa ngemisebenzi Ayenzile. Yilokho Akwethembisa, futhi Wathi Uyokwenza.

226 Nkulunkulu, sisize kulobubusuku, ukuthi uma sesisuka lapha, umkhuleko wami ungukuthi...Futhi ngizokusho nje namehlo ami evuliwe, kini bantu. Ngikhulekela ukuthi nizobona into ethize eyiyo ngempela kakhulu, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza into ethize ibe yiyo ngempela kakhulu, kulobubusuku, nizozwe nisho njengalabo ababevela eEmawuse, njengoba niya emakhaya enu, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu?" Niyabo, babe...

227 UJesu wayekade esebethelwe, futhi wafa, wembelwa, ihemuhemu lalokade libe ngukuthi Wayevukile futhi, futhi Wahamba nabo usuku lonke futhi babengaMazi. Uhambe nabantu abaningi, abakwazanga. Lowo nguYe omgcinile ekubeni nalesosiphihli sengozi eza ngapha; yilokho okuphilisa ingane *yakho*; uKristu, futhi mhlawumbe awukuqondanga.

228 Kodwa ngobunye ubusuku Wabathola eEmawuse, uKleyopase nomngani wakhe, futhi bavala iminyango, wase-ke Enza into ethize ngendlela nje Akwenza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Bazi ukuthi kwakunguYe, ekuvukeni kwaKhe. Ngokushesha bahamba ukuyotshela abanye.

229 Kwangathi Angenza into ethize kulobubusuku, njengoba Enza phambi kokubethelwa kwaKhe, kithi; ukuthi thina, uma sisuka eEmawuse, ukuze sikwazi ukutshela abanye, "Izinhliziyo zethu bezivutha phakathi kwethu." Kwangathi singabona into ethize yangempela, hhayi kakhulu kangako ngenye imfundiso entsha noma okuthize; kodwa imfundiso, esiyaziyo, ibonakaliswa ngamandla kaNkulunkulu.

230 Izolo ebusuku ngibize umugqa womkhuleko, kwenyuka, inenekazi elikhubazekile kanjalonjalo, laphiliswa. Izimfazazo! Imfundamakhwela nje; sifanele nje sibe lapha kancanyana, kungesikho ukuthi kwenele cishe impela ukwazi wena. Phakathi lapho ngingayibamba imizwa yabantu, bethi, "Ufunda umqondo wabo." Ngizame ukubafulathela abantu futhi nginikhombise ukuthi bekungesikho ukufunda umqondo.

231 Abaningi benu bantu abadala lapha eArkansas niyakhumbula ngenkathi ngisavame ukubamba isandla somuntu, ukuthi Wangitshela kanjani, "Kuyofezeka-ke, ukuthi uma uyoba gotho, uyokwazi zona impela izimfihlo zenhliziyoyabo." Niyakukhumbula lokho, nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nezinto Azenzile, umhlaba jikelele, ndawo zonke!

232 Ningalikhohlwa iphephabhuku *iLife* manje, langenyanga edlule. Ukubona lapho Abikezela okwakuzokwenzeka, futhi nakho kumi lapho, ofakazi lapha kulobubusuku owayephakathi lapho. Ngisho nesayense ayazi lutho ngakho. Bayamangala ukuthi kungani kube njalo; kodwa kunjalo.

233 Manje, bukani, ngizothatha umBhalo omusha kulobubusuku. IBhayibheli lasho, ukuthi, "UJesu Kristu

ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Kunjalo, bazalwane na? [Abefundisi bathi, “Kunjalo. Amen.”—Umhl.] Lowo ngumBhalo. Manje, uma EngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, manje uma niMthintile, Uzosebenza, uma Efana njengoba Wayenjalo, Uzosebenza njengoba Enza ngaleyonkathi. Isizathu ungeke. . . Yileyonlela kuphela obuyoke uMazi ngayo, ngukwenza kwaKhe. Niyabo?

<sup>234</sup> Noma yimuphi umzencisi angazifaka izibazi esandleni sakhe, negazi noma yini enye, kodwa impilo iyona ekushoyo. Niyabo? Beningathatha isihlahla futhi ngibophele amaqabunga kuso, phandle lapha, esihlahla esehlukile, kodwa hlobo luni lwesithelo esiluvezayo na? Niyabo?

<sup>235</sup> Manje, ukuPhila kukaKristu kuhlala kini, khona-ke uma lokho kuPhila kokuqala okuphuma kulelogatsha. . . Manje Akanazandla manje kodwa ezenu nezami. Akanaphimbo kodwa elami nelenu. Niyabo, umvini awutheli isithelo. Igatsha lithela isithelo. Futhi uma igatsha elathela engatsheni yokuqala ephuma kulowomvini wamagrebhisi, njengoba ngishilo, babhala iNcwadi yeZenzo emva kwawo. Uma uke uveze omunye umvini wasekuqaleni, niyobhala enye iNcwadi yeZenzo emva kwawo. Kuyoba nguMoya ofanayo, ngoba ngukuPhila okufanayo emvinini wonke. Onke amagatsha athelayo ayoba Lapho.

<sup>236</sup> Manje ngifuna niqaphele into ethize, njengoba sihlezi lapha. Bangaki kini abakholwa ukuthi uKristu ulapha na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki kini ogulayo, phakamisa isandla sakho. Bangaki kini abakholwayo ukuthi ninokukholwa okwenele, ukuthi beningathinta ingubo yaKhe, Ubengenza ngendlela efanayo na?

<sup>237</sup> Angizukubiza-mugqa womkhuleko. Ngiwubize nje, akuvele lapha nje. Leyo yinselelo ngempela. Kodwa ninenqwaba yokukholwa, futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuhlonipha.

<sup>238</sup> Manje ngizobuka phezu kwezethameli, futhi ngifuna ukubona ukuthi ngabe ukhona yini umuntu othize engimaziyo ezethamelini. Ngazi uMfowethu Tracy Boutliere ohlezi lapho. Lomfowethu lapha, angejwayelene nalababefundisi khona ngapha. Umfundisi oyedwa emuva ngemuva lapho engaziyo ngaye. Ngaphandle kwalokho, phezu kwegunya leBhayibheli lami, futhi Lona liphezu kwenhliziyo yami. . . Angifungi, ngoba iBhayibheli lathi kungenziwa; kodwa ngeBhayibheli lami liphezu kwenhliziyo yami, angiqambi amanga. Angimboni omunye futhi umuntu engimaziyo, ngaphandle kukaJim Maguire.

<sup>239</sup> Futhi uma ngingaqinisekile, lowo ngumfowethu engahlangana naye eTabernakele ngoluny’usuku. Ngahlangana naye nje. Ngiyakhohlwa ukuthi ngubani igama lakhe. Wenza

umsebenzi eTabernakele eJeffersonville. Kunjalo na? Manje, yilomuntu kuphela engimaziyo, engingabona ukuthi ngiyamazi.

<sup>240</sup> Manje, ukuba uJesu ubelapha, futhi ubufuna ukuphiliswa, futhi ubuzoMcela, “Nkosi, Uzongiphilisa na?”

<sup>241</sup> Nakhu okuyikho. Ukuba Ubemi lapha egqoke lesudi Angipha yona, Ubengeke akuphilisa. Usevele ukwenzile. Niyabo, kwaqedwa eKalvari. Nomhlaba wonke wasindiswa, umhlaba wonke wathethelelwa, yonke into yenzeka eKalvari. Niyabo, “Yalinyazwa ngeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina,” inkathi edlule. Niyabo?

<sup>242</sup> Manje into kuphela enizofanele niyenze. Akusoze kwanisiza ngaphandle uma nikukholwa; hhayi nikuzwe. UJesu akazange athi, “Nikuzwile na?” Wathi, “Nikukholiwe na?”

<sup>243</sup> Ngibabonile abantu bephakamisa isandla sabo, bethi, “Kuzweni! Kuzweni! Kuzweni!” Akazange akusho lokho.

Wathi, “Nikukholiwe na?” Ukukholwa, niyabo.

<sup>244</sup> Qaphelani, manje. Uma EyilowomPristi oMkhulu ofanayo, Ubeyofanele enze ngendlela efanayo. Akunandaba ukuthi Ubengangigcoba kangakanani, Uzofanele akugcobe, nawe.

<sup>245</sup> Awusho, ngiyayibona indoda engiyaziyo. Nango uMnu. Way, indoda eyawa yafa ebandleni ngoluny’usuku, uNkulunkulu abuye wayiphilisa, ihlezi khona lapho. Nomfundisi ohlezi ngakuyo, engimaziyo, ehlezi lapho ngakuyo. Kodwa ngaphandle kwalokho, le...Yebo, ngikholwa ukuthi ngiyambona lomfowethu, lona ngumfowabo engihlangane naye ezansi lapho nomndeni wakwaBlackwell namhlanje, kukhulekwa ekhaya.

<sup>246</sup> Kodwa nina bantu eniMkholwayo, nenikholwayo ukuthi ningaMthinta, ngizonicela into ethize. Manje, ngingumfowenu, i—i—indoda nje, njengomyeni wakho nje, noma umfowenu, noma umelusi wakho, indoda nje. Futhi manje, lapho, akukho phandle kwelinye ikamelo elimnyama, njengomunye udeveli. Futhi, udeveli akakwenzi lokho, empeleni. Senake namuzwa udeveli eshumayela iVangeli, uthola imiphfumulo isindiswe futhi iphiliswe na? “Uma uSathane engakhipha uSathane, khona-ke umbuso wakhe uhlukene ngokumelana naye uqobo,” uJesu washo. Qhabo.

<sup>247</sup> Kodwa khona lapha, niyabuka futhi nikholwe ukuthi uJesu usalokhu ehlezi eyilowo mPristi oMkhulu ofanayo Ayenguye, futhi wena uthi, “Nkosi Jesu, ngiyagula. Noma, ngingomama ogulayo ohlezi lapha, noma umfowethu ekhaya. Nkosi, a— a—angikwazi ukukhokha isikweletu sami. Ngisize. Ngizo—ngizovuma zonke izono zami. Ngi—ngi—ngiyisoni; ngi—ngifuna ukulungisana noNkulunkulu.” Enye into ethize, Mcele. Mthinte, njengomPristi oMkhulu, futhi ubone uma Engenzi namhlanje njengoba Enza ngaleyonkathi. Lokho kukhombisa ukuthi Unathi.

248 Manje, ngikholwa ukuthi Uzokwenza. Angi... Akaze ehluleke kimi namanje, kuyo yonke leminyaka. Ngi—ngiyaMkholwa. Kodwa ningaqonda ukuthi nselelo yini lokho okuyiyo. Kodwa aku. . .

Omunye uthe, “Awesabi na?” Qhabo, mnumzane.

249 Ngingesaba kanjani, futhi Yena ekhona lapha eceleni kwami na? Yena, yiZwi laKhe; akusilo elami. Ngisho nje Akusho, lokho ngukuvuma kwami. *Vuma* kusho ukuthi “shono into efanayo.” UmBhalo, onguNkulunkulu, uNkulunkulu ngesimo sencwadi. “IZwi lenziwa inyama futhi lakha phakathi kwethu.” NeZwi lisalokhu linguNkulunkulu. NeZwi lathi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” KukuYe ukuLiqinisa. Kungifanele ukuLikhola. Manje Likholweni.

250 Manje ngifuna ngamunye wenu-ke, ngokuthula, buthule, ukunikela umkhuleko kuNkulunkulu, futhi nithi, “Nkosi Nkulunkulu, ngisize. Ngiyazi ukuthi leyandoda endadlana emahlombe aqhothile emile lapho ayazi lutho ngami, kodwa Wena uyangazi. Futhi uma nje Uzokwenza, futhi ungiphindele umBhalo kulobubusuku.”

251 Njengowesifazane wathinta ingubo yaKhe. Akazange empeleni akuzwe ukuthinta kwesandla, ngoba, njengoba nginitshelile, ingubo yasePalestina iyantaza; ngaphansi kwengubo, iwugqinsi. Izingubo ezinkulu ezinde ezisidayo, Akakuzwanga. Futhi Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

252 NoPetru waMkhuza, ethi, “Nkosi!” Ngani, waMthatha wayeseMkhuza ngakho. Ngamanye amazwi, “Kuzwakala kungukuhlanya kuWe ukusho. Wonke umuntu unengalo yabo eKuzungezile, eKumbambatha umhlane. ‘Ubani oNgithintile na?’”

253 Wathi, “Kodwa kuphumile kiMi amandla. Ukhona oNgithintile ngokuthinta okwehlukile.”

Ningakwenza lokho kuthinta kulobubusuku na?

254 Ngizunikela mina uqobo. Manje khumbulani, ngingothule du kulezizinto, ngaphandle koMbuso kaNkulunkulu. Kunjengalombhobho. Lombhobho awukwazi ukukhuluma; ungakhuluma kuphela uma into ethize ikhuluma ngawo. Futhi nje sifana nalowombhobho, kulokhu. Anginazi, kodwa kuthatha into ethize ukukhuluma ngayo lapha.

255 Futhi kukholweni, futhi nibe nokukholwa kuNkulunkulu, noNkulunkulu uzonipha khona. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje kholwani nje. Yibani nokukholwa, futhi ningangabazi. Kholwani eNkosini uNkulunkulu. Manje khulekani nje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, futhi nje nibone.

256 Manje, Baba waseZulwini, kade ngikhuluma isikhathi eside. Kunabantu abahlezi lapha abangabantu abaqonde

ePhakadeni, sonke. Amakhanda ethu akhothamele othulini, lapho Owasithatha khona; futhi uma Ulibala, sizobuyela kulolothuli. Lemimoya nemiphefumulo okithi, ufanele ubuyele kuWe ukuba waHlulelwe.

<sup>257</sup> Manje, Baba waseZulwini, sikhulekela ukuthi Uzolihlonipha iZwi laKho kulobubusuku. Ngikhulume ngaWe, manje khuluma ukuthi ngisho iQiniso, Nkosi. Ngiyinceku yaKho. Ngizunikela mina kuWe. Futhi uma ebakhona omunye phakathi lapha, Nkosi, onalolohlobo lokukholwa, obengaveza ukubonakaliswa kukaJesu Kristu; ukukhombisa ukuthi isibonakaliso Asethembisa, isibonakaliso sokucina ebandleni labeZizwe, sizokwenzeka; ibandla elikhethiwe, njengeqembu likaAbrahama, elibizelwe ngaphandle. Sibona uBilly Graham nalawo indoda ezansi lapho eSodoma, ebabizela ngaphandle; kodwa sikhumbula oYedwa owahlala noAbrahama ubanika esinye isibonakaliso, ukuthi ukufika kwendodana kwasekuseduze. Nkosi, asisibone lesosibonakaliso, kulobubusuku, njengoba iNdoda Yayifulathele ithende, futhi yathi, “Uhlekeleni uSara na?” UJesu wathi kuyophinda futhi, ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu; uNkulunkulu abonakaliswe enyameni, enyameni yomuntu, ngamandla kaMoya oNgcwele neGazi likaJesu Kristu. Siphe khona, Nkosi. Nginikela lokhu, qobo lwami, kuWe ngenkonzo yaKho. Khuluma, Nkosi. Izinceku zaKho zilalele.

<sup>258</sup> Manje, eGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, ngithatha bonke omoya phakathi lapha babe phansi kokulawula kwami, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, ngemisebenzi waYo.

<sup>259</sup> [Omunye uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . .

<sup>260</sup> Manje uMoya oNgcwele awusebenze. Manje ngabe izinto engizishilo ziqinisile, noma aziqinisile na? Ngabe Uhlala enguKristu na? Ngabe Wasigcina isithembiso saKhe, sokuthi, “Lapho kuhlangane ababili noma abathathu, Ngiyakuba phakathi kwabo”? [Ibandla lithi, “Amen.”] “Kuseyisikhashana, nezwe ngaphandle ngaleya lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngi” (isabizwana somuntu) “yakuba nani, ngibe kini. Imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza; neminingi kunalo, ngokuba Mina ngiya kuBaba.” Ngabe kuyiqiniso na? [“Amen.”]

<sup>261</sup> Ngibona lokho kuKhanya kulenga phezu kwencane, intombazane eyikhaladi lapho. Iyasimama. Khumbulani nje, uzosinda. Uvela kude le ukusuka lapha. Ufanele uzidele ukuba ufike lapha ubusuku ngabunye, kodwa ungesabi ngomntwana. Ufumane umusa kuNkulunkulu. Yabizwa, ngobunye ubusuku. Kholwa nje.

<sup>262</sup> Lapha, ngabe ukhona osewake wakubona lokho kuKhanya na? Phakamisa isandla sakho uma sewake wakubona. Nisibonile

isithombe saKho. Anikuboni na? Bukani lapha. Bukani lapha. Lokho kuKhanya, okunombala oluhlaza, kumi khona lapha. Anikuboni lokho na? Kunyakaza, khona lapha.

<sup>263</sup> Kuphezu kowesifazane. Uphethwe yisifo sikashukela. Ukhulekile. Uyakholwa. Nkulunkulu, ungaKuvumeli kusuke kuye. Uzolahlekelwa yiKho, impela nje. . . Nkk. Davis, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Nakho lapho okhona.

<sup>264</sup> Angikaze ngimbone owesifazane, empilweni yami. Nasi izandla zami phambi kukaNkulunkulu. Mbuzeni uma lezozinto. . . Ngabe lokho kuqinisile, nenekazi na? Vayizelisa izandla zakho, *kanje*, uma lokho kuyiqiniso. Manje uthinte bani na? Hhayi mina, uqhele ngamayadi angamashumi amabili kimi. Kodwa uthinte umPristi oMkhulu, uJesu Kristu. Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Uyakholwa na?

<sup>265</sup> Lapha, buka lapha futhi, khona lapha. Omunye wesifazane ekhuleka. Uphethwe yinkathazo yesisu, kukhona okungalungile emilenzeni yakhe. O Nkulunkulu! Nkk. Cotton, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Yemukela ukuphiliswa kwakho, uJesu Kristu uyakusindisa.

<sup>266</sup> UNkulunkulu eZulwini uyazi angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Uthinteni na? Lowo akusuye umPristi oMkhulu na? Yini ube nokusola na? Ungangabazi. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

<sup>267</sup> Omunye umuntu emuva kulesisigodi. Khuleka. Kholwa. UnguNkulunkulu, ndawo zonke.

<sup>268</sup> Kunenenekazi elihlezi lapha likhuleka. Alizikhulekeli lona. Likhulekela indodana yalo. Inenkathazo yesisu. Ayikho lapha. Ikwesinye isifundazwe. Ingeyasedolobheni elithiwa yiPontiac, eMichigan. [Udade ukhala kakhulu, “O!”—Umhl.] Ungesabi. Ibinesisu esinezilonda, ngesimo sokwethuka. Sekusukile kuyo. Amen. Ukukholwa kwakho kuMthintile.

<sup>269</sup> Ukuze nazi. Nakhu kuhlezi indoda lapha, le eshaya lesisiginci, kumbe noma ngabe kuyini lapha, iphethwe yinkathazo yesisu, nayo. Udeveli ucabange ukuthi uzedlulele nalokho, kodwa akazange. Usuphilisiwe, mnumzane. UJesu Kristu uyakusindisa.

<sup>270</sup> Niyakholwa ngayo yonke inhliziyi yenu na? “Uma nikholwa, konke kungenzeka.”

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>271</sup> Umfo omncane lapha ehlezi, ekhulekela umkakhe, nezandla zakhe ziphakeme. Uphethwe yisifo sesifuba somoya. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa, mfowethu, uzophiliswa. Amen.

<sup>272</sup> “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Buzani labobantu, angikaze ngibabone empilweni yami.

273 Emuva le ngapha kuhlezi omunye wesifazane. Unethumba ebeleni. O, kwangathi angekugeje! Nkk. Patterson, yemukela ukuphiliswa kwakho. Sukuma ngezinyawo zakho, nika uNkulunkulu udumo. Kulungile. Angikaze ngimbone owesifazane, empilweni yami; uNkulunkulu eZulwini uyakwazi lokho.

274 Kuthiwani ngabakulezo zinhlaka phansi lapho na? Kanjani ngowesifazane lapho na? Gobisa ikhanda lakho, owesifazane. Nakhu kuhlezi owesifazane ehlezi lapho, usohlakeni lombhede. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? KunokuKhanya okulenga phezu kwalelonenekazi. Liphethwe yinkathazo yenhliziyo. Uma ulala lapho, uzofa. Sukuma, eGameni likaJesu Kristu. Thatha umbhede wakho bese uya ekhaya, futhi uzoyinqoba inkathazo yenhliziyo yakho.

275 Niyamkholwa uNkulunkulu na? Bangaki kini abaMkholwayo na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Lalela, mngani wami. Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Niyamkholwa na? ["Amen."] Uma lowo kungesiwo umsebenzi uJesu Kristu awufakazisa qobo lwaKhe ukuthi unguMesiya ngawo! Ngabe yilokho umBhalo okushoyo na? Thanini, "Amen." ["Amen."]

276 Futhi konje, wena, ubhekene nokugula kwemizwa. Suka kukho. Balekela ukuphila kwakho. Gijima ngokushesha. Beka izinto esidlule kosekwedlule, futhi ubheke kuNkulunkulu. Ungumfundisi weVangeli. Wena, ngikhulume kuwe kulokhu ukusa. Ubungazi ukuthi bekuyini, nami bengingazi ukuthi bekuyini, kodwa sengiyakubona manje. Uza ekulahlekelweni yimpilo. Udeveli ufaka yonke into emqondweni wakho, uzama ukukuthola ukuba uphendukele, uphendukele ngisho nami. Kunjalo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Khohlwa yikho. Mtshele ukuthi ungumqambi manga. Kwemukele khona manje, nalokho kuzokushiya futhi akusophinde kubuye futhi. Uzoba ngumuntu okhululekile.

277 Ngikuphosela inselelo ukuba uzikholwe lezizinto! Indoda ifika kimi kulokhu ukusa, icela. Bengingazi, kodwa ngiyakubona. Khona lapha kuphambi kwayo, bukani lelothunzi elimnyama nje lingena liphuma. Kodwa manje into isisukile kuyo. Kunjalo. Haleluya. "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

278 UMoya oNgcwele uselapha, nanka amaduku. Asikhuleke, nisabambebele emkhulekweni.

279 Baba waseZulwini, siyafundiswa eBhayibhelini, ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu oNgcwele, amaduku nezindwangu, omoya abangeolile baphuma kubantu, futhi baphiliswa. Futhi sisenokubuzwa uBukhona baKho lapha, siyaqonda ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Wena



usenguJesu. Futhi kwakungesuye, ekuqaleni, kwakunguWe; ukukholwa kubantu, ngenkathi bembone eprofetha futhi wazi ukuthi uNkulunkulu wayekuYe. Nkosi, Wena hlonipha imikhuleko yabantu futhi namuhla, ngamasu afanayo.

<sup>280</sup> Omunye umbhali wathi, “Ngenkathi uIsrayeli wayesemgwaqeni wakhe eya ezweni elithenjisiwe, ukuthi uLwandle oluBomvu lwabanquma, khona impela endleleni yomsebenzi, beya ezweni elithenjisiwe. NoNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo, ngamehlo athukuthele; uLwandle oluBomvu lwesaba, lwahlehla, nolIsrayeli waqhubekela ezweni elithenjisiwe.”

<sup>281</sup> Nkulunkulu, kulobubusuku, abantu ufuna lesosithembiso, “Ngithanda ukuba ngaphezu kwezinto zonke ukuba niphumelele empilweni enhle.” Nokugula kubanqumile. Kwangathi Ungabuka phansi kulobubusuku ngeGazi likaJesu Kristu, futhi njengoba lamaduku ebekwa phezu kwabagulayo, esikhumbuzweni salolugcobo olukhulu lukaMoya oNgcwele, lukaKristu Ezibonakalisa lapha ngaleya kwethunzi lokungabaza, uJesu ofanayo esikhombisa ukuthi Usaphila futhi wavuka kwabafileyo. Kwangathi ukugula kungesaba ngalezizimpawu ezibekwa phezu kwabagulayo, kwangathi engabaleka ahlehle futhi asuke, nabantu baphiliswe, ngeGama likaJesu Kristu.

<sup>282</sup> Ngokuthula. IBhayibheli liqinisele. Futhi uma uJesu evuma ukuza lapha futhi enze lokhu kubonakaliswe kakhulu kini, ngokuphelele kakhulu, ngaphambili le kwanoma iyiphi indawo yezinga lesayense yokwazi ukusebenza kwengqondo, ngaphambili le kwanoma yiliphi izinga lendawo yamadlingozi, isimangaliso esiphelele! Isimangaliso siyinto engenakuchazwa. Ngingabona lapho indoda ebingaba yi—yisishosha esincane onyaweni lwayo, futhi ikwazi ukugxuma iye phezulu, futhi phansi kwamadlingozi. Kunjalo. Kodwa ubani obengayitshela ekwenzile, nalapho ivele khona, nokwenzekile, nokuthi kuzoba yini na? Futhi nginiphosela inselelo; akukaze kusigeje isikhathi, emashumini ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, umhlaba jikelele. Akukho ne . . .

<sup>283</sup> Sinenqwaba yokufazinisa nabanye abantu, ngiyakwazi lokho. Lokho kuzofanele kufike, ukuzifanisa nabanye abantu ngokwenyama. Kodwa lokho aku . . . Lokho kwenza nje Into yengempela ikhanye kangcono; lokho kwenza uJesu Kristu abe ngowangempela.

<sup>284</sup> Ulapha kulobubusuku! Uphakathi kwethu, uMoya oNgcwele ofanayo enamemukela, futhi Univumela nikhulume ngezilimi futhi nenze izinto enizenzile. LowoMoya oNgcwele ofanayo uninika leso sibonakaliso saseSodoma, ukuba nisuke kulolohlobo lwezinto, ihora lokusha kwalelizwe seliseduze.

Ibhomu ibekwe ngale inenombolo kuyo. Balekelani kuKristu, ngokushesha.

<sup>285</sup> Washo futhi, emiBhalweni, amazwi okugcina awa ezindebeni zaKhe, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>286</sup> Ngizobona uma nikukholwa? Angazi noma besingawenza yini omuhle, oyifeshini endala, umugqa osheshayo lapha waseArkansas, umzuzu. Ungakukholwa na? Ningathanda ukubona lokho, izandla zibekwa phezu kwenu na? Ningathanda ukuba nalokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>287</sup> Angazi ukuthi sizokubusa kanjani. Ngiyangabaza ukuthi besingakwenza. Niyakungabaza na? Ngicabanga ukuthi besingakwenza na? [UMfowethu Samuel Johnson uthi, “Ngikholwa ukuthi singakwenza. Amen.”—Umhl.] Angazi ukuthi sizokwenza kanjani. Kodwa singazama, uma nizohlonipha ngokuzithoba.

<sup>288</sup> Makuthi labo ophakathi lapho...Ini? Isigaba ngesigaba. Kulungile, makuthi labo abasemuva lapho, ophethe lawomakhadi omkhuleko, baphumele ngqo kulowomugqa lapho. Isigaba esifanele.

<sup>289</sup> Manje ngifuna nazi, bazalwane bami, bodade, ukuthi anidingi ukuba nilindele omunye umvangeli oyisipesheli ukuba eze edule. Qhabo, qhabo. Umelusi wakho unokufanayo. Manje, a—a—angahle angakwazi uku—ukuba naleso siphuyo sokuprofetha; lokho kufika kanye esizukulwaneni. Kodwa, bukani, unamalungelo afanayo ukunikhulekela ebengingaba nawo. Lokho kubona okufihlakeleyo akuniphilisi; kuphela kukulethela ukuzwa kukaNkulunkulu, ukuthi useBukhoneni bukaNkulunkulu.

<sup>290</sup> Kodwa umvangeli ungena edolobheni, enze konke ukukhuleka, konke ukubhaphathiza; bese kuthi-ke abantu, uma esehamba, umelusi u...Awu, abantu bacabanga ukuthi umelusi wabo akalutho. Umelusi wakho uyindoda kaNkulunkulu. Ukuhole ngokuphepha kuze kube lapha; angakuthatha akuqhubele phambili. Uyindoda kaNkulunkulu eyalekile.

<sup>291</sup> Futhi ngifuna nina, ngamunye wenu, uma niza ngalomugqa womkhuleko futhi ningakukholwa lokhu, nidede kuwo; nizoba babi kakhulu. Kodwa uma nikukholwa ngempela, uma nedlula phansi kwezandla ezigcotshiwe zikaNkulunkulu, ngifuna niye ekhaya nifakaza emandleni kaNkulunkulu; nisuke lapha, nimemeza futhi nidumisa uNkulunkulu, ukuthi sekuphelile. Ngifuna nikwenze.

<sup>292</sup> Ngifuna lababelusi bangisize. O, Mfowethu Moore, noMfowethu Hooper, nabaningi balababafowethu lapha engibaziyo, nalezi isigejane sabelusi lapha, yimani nje futhi

nje ningenzele umugqa omncane khona ngapha. Yilendlela esasikwenza ngayo. Angikwenzanga lokhu iminyaka. Kodwa uMoya oNgcwele usekimi, (ngibone nje into ethize yenzeka nje ngaleyonkathi), Eselapha, futhi ngisengakwazi, futhi ngenkathi. . . Banogcobo olufanayo negunya elifanayo. Yilokho kuphela. Sizobeka izandla kwabagulayo. NeBhayibheli lathi, “Babeke izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” IBhayibheli lasho njalo. Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Phumani lapha, bazalwane, phumani lapha futhi nizenzele umugqa khona ngapha. Ngizoma nalababafowethu.

<sup>293</sup> Manje, uma niphuma, nina bantu enikulendawo, lapho niphuma, hambani niphume ngqo nizungeze indlu, nibuye ngqo ningene futhi. Futhi manje ngizocela omunye ame lapha, mhlawumbe lowomfowethu omncane lapha, omncane. . . Woza lapha, futhi uhlole lemigqa, uma uthanda, noma omunye umfowethu ongama lapha futhi ababize ngezigaba.

<sup>294</sup> Makuthi abefundisi manje, abefundisi, izinceku ezigcotshiwe zikaJesu Kristu, bame nje ngqo ngapha.

[Omunye uthi, “Mfowethu Jackson noMfowethu Ruddell.”]

<sup>295</sup> Nginabafowethu abathi ababebabili lapha ovela eJeffersonville, abanye bami esihambisana nabo abavela emabandleni amancane angodade eTabernakele. UMfowethu Don Ruddell, impumelelo enkulu ekukhulekeleni abagulayo. Don, ukhona na? UMfowethu Junior Jackson, umshumayeli oyiMethodisti engambhaphathiza nje eGameni likaJesu Kristu. Wemukela uMoya oNgcwele. Lona omunye wayengumfundisi wechurch of God. Ngifuna nina bazalwane okhulekela abagulayo, ngokuzungeza eTabernakele, woza, yima kulomugqa nalababafowethu.

<sup>296</sup> Lokho kulungile, akulungile, mfowethu na? Lokho kulungile, akulungile na? Impela. [Abazalwane bathi, “Impela!”] Ya. Kulungile, wozani, yimani nizungeze.

<sup>297</sup> Ukuphi uMfowethu Willard Collins na? Omunye umfundisi, umfundisi weMethodisti, wamukela uMoya oNgcwele nje, futhi wabhaphathizwa. Ngithanda ukuba eze.

<sup>298</sup> Umfanyana wakhe, ngolunye usuku, wayebulawa yi—yimfiva yofehlane, nodokotela wathi ningamededeli ngisho ukuba aphakamise ikhanda liphakame ngokwenele ukufaka ishubhu emlonyeni wakhe. Ngivela eTucson, ukushumayela *IziMpawu eziyisiKhombisa*. Futhi ngenkathi enza, waqukula leyongane wayikhipha embhedeni wase eyiletha laphaya. Futhi esanda kungena nje, noMoya oNgcwele wathi, “ISHO KANJE INKOSI. Thatha ingane uyise ekhaya, isiphilisiwe. Izodlala nomfanyana wami.” Nangu umfowethu emi khona lapha manje. Umkakhe uphakathi lapha.

<sup>299</sup> Ngigagele uMike uhlezi lapha, qobo lwakhe. Kunjalo. Ukuphi, Mikey, ukuphi na? Nodokotela. . . Nango; imfihlakalo.

Udokotela wathi letha..Izikhulu zezempilo zagijimisa lowomfana zamngenisa. Udokotela wahamba wayesemhlola; wahlikihla ikhanda lakhe, wathi, “Akukho nechashaza elilodwa lalo kuye.”

<sup>300</sup> Kuyini na? UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade!

<sup>301</sup> Bangani, isizathu ngibize lawa indoda. Angabefundisi. Angabelusi. Ayindoda ebizelwe ukukhulekela abagulayo, ngokufanayo njengoba nginjalo noma yiyiphi enye indoda. Futhi ngifuna nazi ukuthi umelusi wenu unegunya ukwenza lokhu. Anifanele nilindele uOral Roberts, noma uJack Jones, noma mina, noma hhayi omunye. UJesu Kristu ungosezindaweni zonke; Mkholweni. Umelusi wenu ubizelwe ukwenza lokho. Uma ningakaze nibhaphathizwe; emva kwalomhlangano, thintanani nomelusi wenu, nilungisane noNkulunkulu. Uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele; yana ebandleni lakhe, uzokuyala ekutheni wenzeni.

<sup>302</sup> Manje lapho nedlula, khulekani. Futhi ngifuna umuntu ngamunye phakathi lapha, umuntu ngamunye ngokwehlukana, ngifuna nikhuleke. Ngifuna nje nimashe ngomugqa. Ngizoma khona lapha nalesi sigejane sendoda, sibeka izandla phezu kwalababantu. Lomelusi uzoma lapha futhi abize izinhla. Futhi uma nedlula, nalezizandla ezigcotshiwe...Ngizonikhulekela manje, futhi bazonikhulekela.

<sup>303</sup> Futhi ngenkathi bebeka izandla zabo phezu kwenu, khumbulani, kungukuthi, seniphilisiwe nje njengoba beningasindiswa. IBhayibheli, Lathi, “Phendukani, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, khona niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Leso yisithembiso sikaNkulunkulu. Uzokwenza uma nisikholwa. Kodwa uma ningasikholwa, asizukusebenza. Futhi Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Sekwenziwe, ngenkathi bebeka izandla zabo phezu kwenu, uma nikukholwa.

<sup>304</sup> Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa, kulobubusuku, ukuthi nibone nje okukhulu kwangempela nje njengalowomama wenyamazane idiye wakwazi ukuveza, ukubona uJesu Kristu Ezibonakalisa phakathi kwethu na? Uma nikholwa ukuthi Ulapha, thanini, “Amen.” [“Amen.”] Manje-ke, Nangu.

<sup>305</sup> Asikhothamise amakhanda ethu manje. Manje nanku umkhuleko wami wenu, ngayo yonke inhliziyo yami.

<sup>306</sup> Baba waseZulwini, ngiyaKuthanda. UngukuPhila kwami. Ungamathemba ami, uNkulunkulu wami, iNkosi yami, uMphilisi wami, uMgcini wami. Akusikho lokho kuphela,

kodwa ngizwakalisa imizwa yawo wonke umKristu okholwayo phakathi lapha, yilokho Oyikho.

<sup>307</sup> Nakhu kumi indoda, amanye awo ami lapha ngezinyawo, ayagula. Ngiyazi anjalo. Ngiwubonile uMoya waKho ulenga phezu kwawo, emizuzwaneni embalwa edlule. Ngazi labo befundisi abagulayo, kodwa inhliziyo yabo ihambela inhlango yebandla labo, abantu; belahlekelwa yilungelo lendawo yabo uqobo, ukuba bame lapha emgqeni womkhuleko, ukukhulekela izimvu zabo. Nkulunkulu, busisa leyondoda, busisa ngayinye yawo.

<sup>308</sup> Njengoba sima lapha njengomele Wena, kulobubusuku, ngaleliQiniso, iQiniso leBhayibheli, kwangathi ngayinye yalawa indoda angagcotshwa kakhulu, noMoya oNgcwele uzo...Uma bebeka izandla zabo phezu kwabantu, ukuthi kubekhona okukhulu ukukholwa okushaya lowomuntu bazoze bemukele isiphiwo sokuphilisa esinikezwe nguNkulunkulu Obathembise sona, Nkosi. Futhi kwangathi ngamunye angeza edlule, afake kakhulu umfutho ngembeko, ukuthi bazokwazi ukuthi bedlula ngaphansi kwethunzi lesiphambano, lapho iGazi likaJesu Kristu libuyisana ngokuvuma kwabo, noBukhona baKhe obukhulu obuhlaba umxhwele bulapha nathi manje, ukufakazisa ukuthi Akafile, Uvukile kwabafuleyo, futhi uphila phakathi kwethu. Khona-ke izinhliziyi zethu zizovutha lapho sesiya emakhaya ethu ehlukeni, kulobubusuku, sithi, "Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngicela ukuthi Amandla aKho azonikeza ukukholwa okungaka kulemizuzu elandelayo embalwa, kulababantu abagulayo, ukuthi akuzukubabikho muntu obuthakathaka phakathi kwethu.

<sup>309</sup> Ngiphosela inselelo bonke odeveli babophe lababantu, phezu kwegunya leZwi likaNkulunkulu, noBukhona bukaJesu Kristu Owachitha iGazi laKhe, ukwenza lonke iZwi libe ngubumpela kuwo wonke umuntu oyokholwa. Sathane, wehluliwe, isikhathi sakho sesiseduze, bayeke lababantu, eGameni likaJesu Kristu. Phuma kubo! Sihambisa isenzo sikaNkulunkulu, ngokubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bazosinda.

<sup>310</sup> Samuel, cula elithi *Kholwa Kuphela*. Qala umugqa womkhuleko. [UMfowethu Samuel Johnson uqala ukucula elithi *Kholwa Kuphela*—Umhl.] Wonke umuntu emkhulekweni manje. Wonke umuntu, umkhuleko.

<sup>311</sup> [UMfowethu Branham nabefundisi bayakhuleka futhi babeka izandla zabo phezu kwabantu lapho bedlula ngomugqa womkhuleko, uMfowethu Johnson esaqhubeka nokuhola ibandla ekuculeni elithi *Kholwa Kuphela* izikhathi eziningi. Akuqoshwa eteyipini—Umhl.]

Izinhliziyi zethu othandweni lobuKristu;  
 Inhlanganyelo yomqondo ofanayo  
 Injengalokho ngaPhezulu.

Uma sehlukana ingxenye,  
 Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;  
 Kodwa siyolokhu sisajoyinene enhliziyweni,  
 Sithemba ukubonana futhi.

<sup>312</sup> Baba waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu, kwangathi lokhu, lokhu ukuxhumana ngezandla omunye nomunye, abafowethu abakhonzisayo, ukuthi iZwi likaNkulunkulu. Siphelile ukuthi amandla avusa uKristu kwabafuleyo, futhi aMgcina enathi leminyaka eyizinkulungwane ezimbili, kwangathi angabopha... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... imiphefumulo yaPhakade, futhi kwangathi Kungaphilisa isifo phakathi kwethu. Futhi kwangathi iGama likaJesu Kristu...?... Lamaduku nalamaphasela, kwangathi amandla kaNkulunkulu angaphumula kuwo, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

<sup>313</sup> Manje makuthi ibandla lonke, elikhulwayo ngayo yonke inhliziyi yenu, ukuthi uJesu Kristu unawo, uzogcina iZwi laKhe... Uma Agcina iZwi laKhe eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili, futhi wathi lokhu kuyokwenza ngesikhathi sokuphela, futhi nakhu kwenzekile, Uyoligcina iZwi laKhe elathi, “Uma beyobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Niyakukholwa na? Niyakwemukela na? Manje ke asiphakamise izandla zethu kanyekanye futhi sinike uNkulunkulu udumo...?...



*LAPHA KUKHONA OMKHULU KUNO SOLOMONI ZUL63-0628E*  
(A Greater Than Solomon Is Here)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngo Juni 28, ngo 1963, eAssociated Brotherhood Of Christians Campground eHot Springs, eArkansas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)